# SHALOM

. . .nkonzo, kwangathi umhlangano wonyaka omusha ube ngukuthi nje sivule gengelezi. Lona ngumkhankaso wami wokuqala wangempela selokhu kube unyaka omusha. O, ngibe nobusuku obumbalwa ekhaya, ngase ngiba sezansi eFort Huachuca. Ngabe niyibiza kanjalo manje na? Angiboni ukuthi nimbiza kanjani u Huachuca eno H. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

2 Asikwenzi, asizukuba nodaba lwesibuko sokubuka ngemuva. Isibuko sokubuka ngemuva kuphela sibuka ngemuva bese sibonisa lapho kade ukhona. Sibuka phambili ukubona lapho esiya khona, niyabo. Lokho osekwedlule, uPawulu wathi, "Ngikhohlwa yilokho osekwedlule, ngiphikelela emgomeni wokubizwa okuphakeme kuKristu." Futhi yilokho egifuna ukukwenza. Umuntu, singabuka emuva eminyakeni eyishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, lapho ngifika ePhoenix okokuqala, kubenezinto eziningi ezenzekayo selokhu kwaba yilesosikhathi, okuhle nokubi, konke lokho kuya ekwaHlulelweni, ezandleni zikaNkulunkulu. Kodwa engikubuka phambili manje ngukuthi ngizokwenzani ngalonyaka ozayo, ukwenza ngcono uMbuso, ngenze okunye okuningi, konke engingakwenzela uMbuso kaNkulunkulu.

3 Manje, lentambama ngifuna ukukhuluma ngaloMlayezo wonyaka omusha eBandleni elikuKristu, bese kuthi kusasa ebusuku sizoqala ukukhulekela abagulayo. Futhi sizokhipha amakhadi omkhuleko phakathi. . .Ngicabanga ukuthi inkonzo iqala ngelesikhombisa, ligamenxe elesikhombisa, kungcono nibe lapha cishe ngelesithupha noma sekwedlule ngemizuzu eyishumi nanhlanu, bese, ukuba nithole amakhadi enu omkhuleko, ukuze ningathikamezani nenkonzo yonke.

4 Sifuna ukubonga a—abaphathi lapha, beRamada, ngokusivumela nalendlu yomhlangano, ngaphambi kwalengqungquthela. INkosi ibabusise.

5 Futhi manje uma nifisa ukuphenya emBhalweni, lapho esizofunda khona, ngizofunda kuIsaya, isahluko 60, ne—nele 2, ivesi 1 nele 2. NamaHubo 62:1-8. AmaHubo 62:1-8, kuqala.

*Umphefumulo wami uzithulele kuNkulunkulu kuphela: insindiso yami ivela kuye.*

*Nguye kuphela oyidwala lami nensindiso yami; uyinqaba yami; angiyikunyakaziswa kakhulu.*

*Koze kube-nini nisukela umuntu? ukuba nimbulalale nonke: njengodonga olwengemeyo, nothango oludilikayo.*

*Yebo bathunga icebo lokumwisa, ekuphakameni kwakhe: bathanda amanga: bayabusisa ngomlomo wabo, kepha ezibilini zabo bayaqalekisa. Sela.*

*Mphefumulo wami, zithulisele kuNkulunkulu kuphela; ngokuba* amathemba *lami livela kuye.*

*Nguye kuphela olidwala lami nensindiso yami: inqaba yami; angiyikunyakaziswa.*

*Insindiso yami nodumo lwami kukuNkulunkulu: idwala lami eliqinileyo,. . .isiphephelo sami, kukuNkulunkulu.*

*Thembani kuye* ngesikhathi sonke; *nina-bantu, nithulule inhliziyo yenu phambi kwakhe: uNkulunkulu uyisiphephelo sethu. Sela.*

6 Ngiyayithanda indlela uDavide akhuluma ngayo ukuthi, "idwala." Niyaqaphela, izikhathi eziningi kakhulu, "UNkulunkulu uyidwala lami." Niyazi ukuthi idwala libhekiswe kubani, eBhayibhelini na? *Idwala* yi "sambulo."

7 NjengoPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

8 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona. Futhi phezu kwalelidwala, lesisambulo . . . " UNkulunkulu wakwembula kuye. "Inyama negazi akuzange kukwembule lokhu, kodwa uBaba oseZulwini. Phezu kwalelidwala. lesisambulo, Ngiyakulakha iBandla laMi."

9 NoDavide lapha ememeza kakhulu, "UNkulunkulu uyidwala lami, isambulo sami!"

10 Manje esahlukweni 60 sikaIsaya, ivesi 1 nele 2.

*Vuka, ukhanye; ngokuba ukukhanya kwakho kufikile, inkazimulo yeNKOSI iphumela phezu kwakho.*

*Ngokuba, bheka, ubumnyama buyakuwusibekela umhlaba, nesigayegaye abantu: kepha oyiNKOSI uyaphuma phezu kwakho, nenkazimulo yakhe iyakubonakala phezu kwakho.*

11 Asikhuleke. Nkosi Jesu, njengokuzindla phezu kwalamaZwi, siyahamba manje ekungeneni ekuqaleni lenkonzo, ekuhlonipheni Wena. Sibusise, Baba, sicela eGameni likaJesu. Amen.

12 Manje indaba yami kulentambama yigama elilodwa: *Shalom*. NgesiHeberu, lisho "ukuthula." Ukuthula, noma liyisibingelelo, lingukuthi "ukuthula makube kini," noma, "siyakwemukela," "sawubona ekuseni," noma yiluphi uhlobo lo—lokubingelela. Kodwa igama elikhulu engilitholile kwisiHeberu lapha, ziningi izinto elizishoyo, kodwa zonke ziphathelene nento efanayo, "ukuthula."

13 Njengoba sibhekene naleminyaka emisha, sibhekene nakho kokubili, njengoba sengifundile, ubumnyama nokuKhanya. Manje siyabona ukuthi uDavide, ekhuluma lapha, wathi, "Thembela eNkosini. Beka ithemba lakho kuYo." UIsaya wathi, "Isigayegaye sizofika phezu kwalababantu, kodwa okweBandla ukuba livuke likhanye enkazimulweni yokuKhanya."

14 Ngakho sibhekene nalonyaka njengoba nje senza minyaka yonke; kukhona ukuzisola ngamaphutha ethu edlule, nokubuka phambili enkathini ezayo yokuKhanya okuyinkazimulo kukaKristu. Akungabazeki, uma siwuphilile lonyaka, sizothola amaphutha amaningi esiwenzile, futhi nje sikubhekile lokho ngoba kuhambisana nokuphumelela nokwehluleka. Lowo ngumthetho wokuba phakathi nendawo esiphila ngawo kulempilo. Kodwa siyajabula kakhulu sinoMlamuleli Ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ukwenza izinxuselo. Uma sivuma ukuvuma amaphutha ethu ukuthi senze okungafanele, bese Ewathethelela. Ugcwele umusa nesihawu, ukusithethelela lawomaphutha.

15 Lesisigayegaye, ngifisa ukukhuluma ngaso kuqala, ukuthi kuningi kakhulu okwalokho ezweni namhlanje, futhi kuya ngokuba mnyama ngokuba mnyama ngaso sonke isikhathi. Unyaka ngamunye, siyakuthola lokho, ukuthi i—izwe liya ngokuba mnyama, uma sikhuluma ngokomoya, ngoba badukuza ebumnyameni. Siningi isono. Ukwedlula nje esinakho, ukubulawa ngokwakhelwa uzungu kukaMongameli, nokunjalo, nabantu bebulawa ngamabomu khona lapha ezweni lakithi. Lapho, ebesingecabange ukuthi lokho kungenzeka ngesikhathi sempucuko yesimanje, kodwa impela sinakho, ngoba isigayegaye siphezu kwabantu. Manje, labo abangezukuphendukela ekuKhanyeni, khona-ke yinye kuphela into engingayisho yonyaka ozayo, nizoqhotha niye ngokuba mnyama ngokuba mnyama lapho unyaka uqhubeka.

16 Kodwa kulabo abazophendukela, kokwalonyaka omusha, ekuKhanyeni, khona-ke nizothola ukuya ngokukhanya ngokukhanya, kuze kube yiloluSuku esilubhekile, Ukubonakala kwaKhe, lapho bonke ubumnyama buyoshaba—shabalala. Nesizathu salokho, yingakho ngithi, eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, namhlanje, "Shalom," ngoba siyiziNkanyiso zaKhe. UJesu wathi, "Nina ningukuKhanya kwezwe."

17 Manje, umprofethi wathi, "Isigayegaye phezu kwalababantu phezu kwabantu bezwe, isigayegaye."

18 Niqaphelile, eminyakeni emibalwa edlule, abanye benu silisa nabesifazane abalapha ebangeni lami, ukuthi kwenzeka kanjani unyaka ngamunye, kubonakala sengathi ubumnyama buza kakhulu kakhulu? Ngangikhuluma ngolunye usuku, ngathi kumkami, "Uyazi, kubonakala sengathi, njengoba iminyaka iqhubeka futhi, njengoba nje kubonakala sengathi

abantu baqala ukuqhela kakhulu kakhulu entweni yangempela ababefanele basondele kakhulu kakhulu kuyo."

19 Ngiqaphelile, phakathi kwesilisa. Bheka phandle emigwaqeni, nakakhulu phakathi kwabesifazane, bhekisisa izifiso zabo nokuthi bathanda ukwenzani, futhi—futhi bashintsha izimo zokwenza kwabo ngaso sonke isikhathi. Isilisa siya ngokufana kakhulu nabesifazane, nabesifazane baya ngokufana kakhulu nesilisa, futhi kubonakala sengathi ayikho indlela yokukumisa. Nginqamula esizweni, ngishumayela ngokumelana nalento, futhi ngibuye ngonyaka olandelayo futhi sekukubi ukwedlula okwakuyikho ngenkathi ngiqala. Okungukuthi, labobantu bafuna ukwenza okulungileyo, kodwa, bona, kukhona into ethize ngakho engeke ibavumele benze okulungileyo. Kubacindezela phansi nje, kubaphoqa. Ku—kunjengenzima, inkungu emnyama phezu komhlaba wonke. Akusikho ePhoenix kuphela, kodwa emhlabeni wonke jikelele, lapho kubonakala nje kunobumnyama obudukuzayo obuqoqanayo, kuya ngokuba mnyama ngcingci, ngaso sonke isikhathi, nje bugqiba ubudoda, ubufazane bangempela. Ngikhuluma ngokwemvelo.

20 Futhi, bona, kubonakala sengathi i . . . kungena kwanda kwanda emabandleni. Bese kuthi-ke uma usukuma bese usho into ethize emelene nakho, bese bekugxeka ngokukwenza. Niyabo, unga—ungakubona kuza, bese—bese-ke uma ukhuluma uphikisana nakho, kubakhona ongakuqondisisi. Ngezinye izikhathi abesifazane bangakuqondisisi, owesilisa angakuqondisisi, athathe ngesinxele.

21 Owesilisa ngesinye isikhathi, owesilisa olungileyo, ufanele abambisane nezinto ezinjalo ukuze babambe amalungelo abo ezikhundleni zezenkolo ezingezabo, ngoba, uma bengenjalo, bayaxoshwa ebandleni, bese-ke be—bezimela ngesingabo. Futhi uma uke waxoshwa ebandleni kubantu abathize, kubalukhuni-ke ukungena ube nomunye, ngoba bake bazi ukuthi wawungowaleliqembu elinye, bese, "Sekwenzenjani *ngapha* na? Khona-ke ufanele ume kokholelwa yikho, noma uzimele ngesingawe, noma uphike kokholelwa yikho. Ngakho kwenza kube lukhuni ngempela kubantu.

22 Futhi kubukeka sengathi isikhathi sinjalo, awukwazi ukubona lokho kuqhama kwangempela, njengoba indoda ifanele ibenjalo. Ngi . . . Ngisho nangokukubuyisela emuva, kusukela kokukamoya, manje kuya kokwemvelo, ngi . . . Kubonakale kimi ukuthi indoda ifaka izicathulo eziphinki zevelvete, nazozonke izinhlobo zezinto ezinjalo, kubonakala nje sengathi sebefane kakhulu nabesifazane. Nabesifazane bebhema osikilidi, manje sebenezigazu, futhi nje ba . . . futhi bagunda izinwele zabo njengowesilisa; futhi kubonakala sengathi ubuhle besizotha, inenekazi, into ethize esabufazane ayisekho. Futhi indoda

enobudoda ayisekho; konke ebonakala icabanga ngakho sekuyinto embi, ngakolunye uhlangothi.

23 Ngicabanga ukuthi nje sekucishe kufane njengoba kwakunjalo ekuqaleni, "yonke imicabango enhliziyweni yomuntu iyaqhubeka iba-mibi." Izinhlelo zethu—zethu, itelevishini no—nomsakazo, akuhlungwa. Umuntu angasho noma yini, cishe, abafuna ukuyisho, ngisho nokuthuka nokusho angcolile, amahlaya anenhlamba ngempela okungafanele kube njalo, obekungafanele, okungafanele kushiwo ebhareni. Nokho bangakusho kwitelevishini nasemsakazweni, futhi bakuthumele ngqo emakhaya abantu. Kubonakala sengathi lesosigayegaye sisibekela into yonke. Umhlaba wonke ubonakala sewoniwe.

24 Manje, iminyaka, bengizama ukubamba ifulege, iZwi likaNkulunkulu. Futhi ngiphokophelele kakhulu kulonyaka ozayo ukubamba lelofulege kunoma ngake ngenza empilweni yami, niyabo, ngime ngiqonde ngqo naleloZwi. Manje, ngethemba ukuthi noma ubani okungena engqondweni yabo ukuthi ngenza lokho ukuba ngizenze isihlakaniphi, ngakho, mfowethu, dadewethu, usephutheni ngempela. Ngenza lokho ngoba ngibophezelekile kuLokho. Mina, ngibophezelekile ukuba ngihlale naleloZwi. Noma yini Eliyishoyo, ungabeki kuhumusha kwangasese, Lisho ngaleyondlela nje. Manje bakhona abanye abangahle baLihumushe futhi baLenze lizwakale lehluke kancane, kodwa ngeke ngakwenza lokho. Ulwimi engilwaziyo kuphela yilolo olulotshwe Lapha, indlela nje yiLendlela.

25 Manje, embalwa, cishe iminyaka emithathu edlule, kuzoba manje, ukuthi, ekhaya, ebandleni lasekhaya kithi, uMoya oNgcwele wakhuluma nami, wathi, "Hamba uye eTucson, kukhona okulindile." Ngama kulomsamo futhi nganitshela nonke, "ISHO KANJE INKOSI, kukhona okuzokwenzeka." Kukhona mhlampe amakhulu abantu abahlezi lapha abakwaziyo. Ngisanda kunitshela nje ukuthi ngabonani. UMlayezo useteyipini, *S'khathi Sini, Mnumzane Na?* Ngabona isixuku seziNgelosi, sinjenge—ngesivivane, sehla nje enyakatho yeTucson; sakhuphuka sangena *ngapha*, enyakatho yeTucson. Futhi Zakhuluma nami okuthize, futhi angazanga ukuthi kwakuyini. Futhi ngelinye ilanga lapho . . . kukhona indoda ehlezi ikhona lapha manje, amabili awo, ayenami, emuva laphaya ngenkathi kwenzeka lokho.

26 Futhi athatha isithombe saKho esibhakabhakeni. Kuphume kwi—kwiphephabhuku. Ngicabange ukuthi benginayo ikhophi. Nginayo. Yilokho-ke. Niyakubona lapha kwiphephabhuku i*Life*, lekhophi, ngayo impela nje indlela uMoya oNgcwele owathi kuyoba ngayo.

27 Futhi nakho kumi lezoziNgelosi eziyisikhombisa ngokwemvelo nje njengoba ningibona ngimi lapha, futhi zangitshela ukuba ngibuyele ekhaya lami, ukuthi, izimfihlakalo

abaguquli kusukela phansi eminyakeni ababehlulekile ukuzicosha, izimfihlakalo zeBhayibheli, eziphethwe yiziMpawu eziyisiKhombisa, ziyombulwa. Ngiphosela inselelo noma ubani, thatha lezozi*Mpawu eziyisiKhombisa* futhi uzibhekisise, futhi uthole iphutha kuzo. Niyabo? Niyabo? Ngoba kunikezwe ngokuphefumulela kukaNkulunkulu.

28 Ngaphambi kwalokho, ngashumayela ngokuthi *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*, Ngase-ke ngiyidweba ebhlekbhode eTabernakele lami.

29 IMfundiso yami, angiyishumayeli iMfundiso phandle lapha, lutho kuphela nje izinto eziqavile zevangeli ezinkulu; ngoba nginabazalwane, abangahle behluke kimi, futhi angikukhiphi Lokho phambi kwabantu lapha. Ngizama nje ukuhlala ezintweni eziqavile ngempela zomBhalo, njengalokho nje esikukholwayo. Kodwa, eTabernakele lami, bayaWuteyipa. Uma niWufuna, ningaWuthola. Uma umfundisi wenu engafuni ukuba nibe naWo, ningaWuthathi. Niyabo, lokho kukini.

30 Kodwa phakathi lapho, ngishumayela ngokuthi *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*, nokuba nemvume evela kuNkulunkulu; ngiyikhipha ngokuyidweba, ngokuthi ubumnyama bungena kanjani ebandleni, eNayisiya; nezingelosi zebandla, izithunywa. Kufanele ukuthi kwakuqinisile, ngoba, kwathi nje ngingazidweba onyakeni webandla wokugcina, ngeSonto ekuseni, ngeleshumi nanye nqo, lokho kuKhanya okukhulu kwehla kwangena endlini, ngaphambi cishe kwabantu abaningi ngangabo nje abahlezi lapha; kwehla kwathi bani-bani ngasohlangothini lobonda, phambi kwabo bonke labobantu, futhi kwadweba leyomiNyaka yeBandla ngayo impela nje indlela engangiyidwebe ngayo lapho. Manje, kukhona amakhulu nekhulu ofakazi lapho ukuthi kuyikho.

31 Awu, manje, siyaqonda ukuthi uNkulunkulu njalo ubonisa izinto ezulwini ngaphambi kokuba Azibonise emhlabeni. Njengezazi zalandela inkanyezi, nokunjalo. Isibonakaliso sasezulwini senzeka, kuqala, bese-ke okomhlaba kuqinisekisa isibonakaliso sasezulwini. UNkulunkulu uphathelana, asebenze ngezibonakaliso, izibonakaliso nezimangaliso. Zizolandela amakholwa ndawo zonke. AbaJuda bafuna njalo isibonakaliso, ngoba babengabakhethwe nguNkulunkulu, futhi babefuna isibonakaliso. "Sikhombise isibonakaliso, khona-ke sizokholwa." Kwase, kuthi-ke, lapho izazi zifika nendaba yazo, oMegi, yokuzalwa kukaKristu, ngonyaka omusha nje.

32 Manje sithola ukuthi inyanga, eBhayibhelini, imele ibandla. Ikhombisa ukukhanya emhlabeni, uma ilanga lingekho. IZambulo, isahluko 12, ngempela ziyakuchaza lokho, "owesifazane nenyanga phansi kwezinyawo zakhe, ilanga ekhanda lakhe." Nokuthi kwenzeka kanjani ilanga lingekho, uma ilanga seliye kwelinye icala, inyanga ibonakalisa

ukukhanya kwelanga emhlabeni. Ibandla lifanele libonakalise ukukhanya kukaJesu Kristu ezweni, ingekho iNdodana kaNkulunkulu. Sonke siyakukholwa lokho. Kuyinto exakile, njengoba bekwehlukile kakhulu impela.

33 Kodwa ngikhuluma lapha, ngo 1933, ngophapha ethatha indawo yakhe ephuma e, noma ephuma, njalo, eRoma, futhi evakashela a—amazwe angcwele. Uzoza lapha futhi. Nento exakile, ingukuthi, ubusuku obumbalwa ngaphambi kokuba asuke eRoma, kungokokuqala ukuba kuke kwenzeke emlandwini, inyanga yehla yase ifiphala nya. Lokho nje, kwakuyini na? Kusithibeza ukubonisa ukuKhanya kweNdodana. Kulokhu, wakhuluma nobaba webandla loMthetho; futhi bonke basesivumelwaneni, “Uphapha lokhu ukwenzela inhlanganyelo, inhlanganyelo enhle yobukhelwano.” Okuzwakala, endlebeni yemvelo, kuyinto eyisimangaliso kakhulu engenzeka. Kodwa endlebeni kamoya, kungubumnyama. Futhi ukuthi sikanjani thina mabandla, thina Presbyterian, iMethodisti, iBaptisti, namaPentecostal, sasingaze sijoyine engxovangxoveni enjengalokho, nokwazi ukuthi iBhayibheli lethu lifundisa okwehlukile! Kuyinto eyisimanga kimi, ukuthi angakwenza kanjani umuntu ogcwaliswe ngoMoya ukuhlala ezindaweni bese ethi, “Kuzwakala kungokukamoya ukuba sendaweni enjalo.” Kimi, kubi kakhulu.

34 Manje, ngiqagele ninakho lapha ePhoenix. Uma noma ubani. . .Bangaki abaphakathi lapha asebake babona lapho enganginalezozithombe ezidwetshiwe zemiNyaka yeBandla na? Phakamisani izandla zenu. Ngiqagele. . .Niyabona ukuthi iNkosi yazidweba kanjani ezibhakabhakeni, ngobunye ubusuku na? Ngayo impela indlela okudwetshwe ngayo phezulu lapho eTabernakele. Ngokuphelele, ngayo impela indlela uMoya oNgcwele owakunikeza ngayo ngokuphefumulelwa, eminyakeni emithathu eyedlula, eTabernakele, lapho kwenzeka ezibhakabhakeni. “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, lonke izwi maliqiniswe.” UMoya oNgcwele kuqala wahamba ngokuphefumulela; ngayidweba emsamo. Wase Ehla yena uqobo lwaKhe futhi wenza isiqinisekiso saKhe sakho, lapho inyanga nokuKhanya kuphuma, kuphuma, futhi kuloNyaka waseLawodikeya kuya ebumnyameni obuphelele futhi. Futhi nangu Ehla futhi uyakuqinisekisa enyangeni, ngaso nje isikhathi lapho onke amabandla eya ndawonye ekuqinisaneni, komfelandawonye wamabandla.

35 Akumangalisi, uIsaya wathi, “Isigaygaye siphezu komhlaba, phezu kwalababantu.”

36 Ngiyazi ukuthi akuthandwa ngabantu ukukhuluma uphikisane nenhlangano, kodwa lolo wuphawu lwesilo. Yileyonto esithwala isingenise ngqo kulokho. Kwenza umfanekiso kuso isilo. Angikusho lokho ukuba ngithukuthele. Ngikusho lokho ngoba kuyiQiniso, bazalwane. Usuku luyofika

lapho iPhoenix iyovuka, futhi mhlawumbe sengahamba, kodwa niyokwazi ukuthi lowo kwakungu ISHO KANJE INKOSI. Kuqinisile. Nokuthi uMoya oNgcwele omkhulu uyiqinisekise kanjani leyomiLayezo futhi washo izinto zingakenzeki, ukuba ingahluleki nakanye! Futhi kungani siqhubeka nokudukuza ebumnyameni na? Futhi kungani abantu bengaphaphami ngaphambi kokuba kwedlule isikhathi na? Ngolunye lwalezizinsuku, siyobe sesedlule isikhathi, lapho niyobe senivele niluthathile uphawu, bese-ke kungabe kusabakhona. . . Akusekho okunye eningakwenza mayelana nakho ngalesosikhathi, niyobanjwa kuleyonqubo, ukuthi niphawulwe naleyonqubo.

37 Anizi ngani kuKristu, nigcwaliswe ngokuKhanya ngeVangeli likaJesu Kristu, Amandla aKhe avukayo anganikhulula, futhi anenze ikhandlela elihlezi egqumeni na? Akunandaba ukuthi kuba-mnyama kangakanani. Nithi, "Awu, sifanele sikwenzeleni na? Bonke abanye. . . " Lalelani, khona manje yisona sikhathi sokulikhanyisa, uma sekumnyama okwedlula konke. Yilapho ukuKhanya okukhanya khona kangcono, kulapho uma Sekusebumnyameni. Sifanele sidedele njalo ukuKhanya kukhanye lapho okumnyama khona.

38 Umprofethi ethi, "Isigayegaye siyoba phezu kwalababantu," futhi kuyiQiniso ngempela.

39 Manje siyathola ukuthi yini eyenza inyanga ibonise ukukhanya. UNkulunkulu ekhombisa, kuqala, ebhlekbhode; okulandelayo, ngoBukhona baKhe uQobo; kwase kuthi emazulwini Wakhombisa isibonakaliso. Kwase kuthi-ke eRoma kwaphuma uphapha, wawelela ePalastine; okungukuthi, esweni elejwayelekile, abantu bamemeza kakhulu futhi bawa ngobuso babo, futhi bakhonza umuntu. Kungasesikho ukumelana naye kunoma bengingamelana nomfundisi oyojoyina into enjalo. Konke kungumoya ofanayo.

40 Kubonakala sengathi isigayegaye sesihlezi phezu kwabantu baze bacabange ukuthi into kuphela ekhona yokuba yenziwe ngukuya esontweni futhi ube ngumuntu olungileyo kakhudlwana, ufake igama lakho encwadini, nento eyimfihlakalo ethize encane, "UNkulunkulu uyosonta isihluthulelo uma usufa, futhi aguqule lowomoya kuwe, uye kuYe." Uyaphaphalaza. Uma usufa, lowomoya ophezu kwakho, yileyondlela wena oyoba yiyo njalonjalo. Futhi khumbulani, abaFarisi, abaSadusi, nokunjalo, kwakungabantu abakholwayo impela.

41 UNkulunkulu unguNkulunkulu onomona. Unomona, futhi ufuna umkaKhe abe-msulwa. Umfuna eyintombi, emhlophe. Kungabikho lutho ezweni olungena kuye, nhlobo; kube yiZwi laKhe qhwaba, ingxenye yaKhe. Sifanele sibe yingxenye yeZwi. Hhayi ingxenye yesivumokholo; ingxenye yeZwi! Hhayi

ingxenye yesonto; ingxenye yoMlobokazi! Isonto lilahlwe ngecala, siyazi ukuthi liya ebumnyameni obungaphandle, kodwa uMlobokazi uyenyuka.

42 Manje ukuba kuphela abantu bebengaphaphama imizuzwana embalwa futhi baqonde ukuthi kuyinto enkulu kanjani. Ngukuziqhenya okwenza lokho. Ngabantu o—ofuna ukuhamba njengezwe lonke. Ngeke ukwenze lokho. Awusuye owezwe. Ucabanga ukuthi owesifazane olele ebhokisini lakhe lomngcwabo ikhaskhethe uyofuna ukwazi ukuthi ngabe izinwele zakhe wayezenze sengathi zimanzi, kumbe noma ufuna ukukubiza kanjani na? Ucabanga ukuthi ubengakunaka ukuthi ubegqoke kanjani ukuba ubelele ebhokisini lomngcwabo ikhaskhethe, kumbe owesilisa othize na? Bebengeke bakwenze.

43 Futhi yilesosizathu, namhlanje, kukhona into eningi kangaka esiyikopela komakhelwane, noma ingcweti ethize yomdlali waseHollywood, noma yifeshini ethize, noma yinto efana nalokho, yingoba asikafi namanje kuKristu neZwi laKhe. Kwenzenjani emasontweni na? Sisebumnyameni, sidukuza ebumnyameni. Wathi, "Kuyobakhona isigayegaye phezu kwabantu." Isigayegaye phezu kwabantu manje!

44 Kusho ukuthini konke na? Kusho lokhu, lokho kungenkathi izwe. . . Okwafiphaza inyanga, kwaba yingoba i—ilanga. . . umhlaba wangena esithunzini selanga, elalibonisa ukukhanya kwalo emhlabeni. Izwe langena esithunzini. Yileyo indaba ngesonto. Yileyo indaba ngePresbyterian, iMethodisti, amaPentecostal. Yileyo indaba ngathi sonke. Izwe livalalela ukuKhanya ngaphandle esifanele ngabe siyakubonisa, liyasontana lithandele bese lingena kuKho, futhi, lapho kwedlulana, kuphonsa ubumnyama phezu kwawo.

45 Nezwe selingene esontweni, nge—ngegama lehlelo, igama lesivumokholo esithize, futhi "singabenkolo nakho konke *lokhu* nakho konke *lokhu*," kodwa nokho liphika amandla avukayo kaKristu ukuqinisekisa iZwi laKhe eliprofethelwe lolusuku. Kungabakhona kuphela ukuKhanya ngeZwi likaNkulunkulu. Siyakwazi lokho. UNkulunkulu, ekuqaleni, wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya, ukuqinisekiswa kweZwi laKhe Ayelikhulumile.

46 Ukuba-mnyama, kwaba-mnyama bhuqe! Izwe laba semgqeni nokubonisa ukukhanya kwelanga enyangeni, futhi kwalenza laba-mnyama bhuqe. Yilokho impela okwenzeka kokwemvelo, noma kokomoya. Njengoba kwenzeka kokwemvelo, kwabikezela futhi kwasitshela, yilokho impela okwenzekile.

47 Manje, niyabona ukuthi kuphuma kanjani ekugcineni. Abaningi benu bantu abasha, ngeke niguge kakhulu nize nikubone, empeleni, uma niphila eminye iminyaka emithathu noma emine.

48 Inyanga manje, sisoNyakeni weBandla laseLawodikeya. ONyakeni weBandla laseLawodikeya, kuwo onke amanye amabandla, iLawodikeya, owokugcina, unyaka webandla osivivi, uKristu wayengaphandle kwebandla. Noma yimuphi umfundisi weBhayibheli uyakwazi lokho. ISambulo 3, Wayengaphandle kwebandla, Ezama ukuthola indlela yokubuya futhi, futhi akazange athi Wangena. "Kepha labo Ayebathanda, Wayebasola abalaye." UMlayezo uyasola futhi ulaye labo Ayebathanda. Manje, wayengqongqotha, ezama ukungena; ubumnyama baWuvalela ngaphandle, khona impela okufezekile. UkuKhanya obekukhanya, masinya ngokoqobo kuzovalelwa ngaphandle. Bonke buyongena bubumbe umfanekiso kuso isilo. Futhi siyazi ukuthi lokho kusho ukuthini, leso yisikhathi sokuphela.

49 UNkulunkulu, ekuqaleni, wehlukanisa ukukhanya ebumnyameni, futhi yilokho futhi uNkulunkulu akwenzayo. UNkulunkulu wehlukanisa ukukhanya kokumnyama. "Ekuqaleni," Wathi, "makube-khona ukukhanya." Manje, khumbulani, ngeke kwabakhona ukukhanya ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu. Lona impela ilanga phandle lapho liyiZwi likaNkulunkulu, liqinisekiswa. Kwakukhona isigayegaye phezu komhlaba, inkungu ekhasa phansi nenkungu elula phezu komhlaba, noNkulunkulu wathi, "Makube-khona ukukhanya." Manje uma-ke kungafiki-kukhanya na? Khona-ke kwakungeke kuMsize ngalutho ukukhuluma. Kodwa lapho Ethi, "Makube-khona ukukhanya," nokukhanya kuba-khona, kuqinisekisa ukuthi iZwi laKhe laliqinisile. Lokho kukhanya siphila ngakho namhlanje.

50 Futhi ukuKhanya kuphela esingaba nakho namhlanje, ebandleni, nguNkulunkulu eqinisekisa ukuKhanya kwaKhe kulesisizukulwane.

51 Isizukulwane ngasinye sabelwa okungaka, okwenzeka ezinsukwini zazo. Sonke siyakwazi lokho. Abaprofethi bayafika enkundleni. Bona, iZwi leNkosi leza kubo, baLiqonda. U*mbonisi*, eTestamenteni eLidala, usho ukuthi, "lowo iZwi elembulwa kuye." Futhi ukuthi bakwazi kanjani, ngoba wazi izinto ngaphambili ezizofika. Khona-ke iZwi leNkosi leza kubo, unyaka ngamunye.

52 UJesu wathi kuJohane, mayelana noJohane, "Wayengukukhanya okukhanyayo, okwesikhashana." Ngani na? UIsaya, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili engakazalwa, wathi, "Kukhona izwi lomemezayo ehlane." UMalaki, isahluko 3, wathi, "Bheka, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela phambi kwaMi." Niyabo, WayeyileloZwi libonakaliswa. IZwi elethenjiselwa lolosuku, Wayengukukhanya, ngoba Wayenza lifezeke lona impela iZwi likaNkulunkulu ayelikhulumile ngaye.

53 Futhi lapho uJesu efika, uJohane wathi, "Ngifanele ngifiphale manje; Yena ufanele abonakale obala." Futhi wayengukukhanya. Kusukela phansi eminyakeni, ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kanjani ngalelohora liza!

54 Behluleka kanjani labobefundisi besonto ukuLibona na? Behluleka kanjani na? Behluleka kanjani labobaFarisi nabaSadusi ukubona na? Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi yiYo Efakaza ngaMi." Behluleka kanjani ukuLibona, bazalwane na? Yingoba nje kwakukade kuprofethiwe ukuthi babezokwenza.

55 Futhi kunjalo nanamhlanje, lesosigayegaye siyeza phezu kwabantu, futhi nakhu sikhona! UNkulunkulu usabele iZwi laKhe ukuba libonakaliswe ngalolusuku, futhi liyikhona-kuKhanya kuphela esinakho, noNkulunkulu uzodedela umuntu othize abonakalise leloZwi. Umuntu othize uzokwenza. Wakwethembisa, futhi Usebenza kanjalo impela njengoba Wayehlale enza njalo ngakho.

56 Akakaze aliguqule iphethini laKhe lomsebenzi. Waprofetha ukuthi kuyokwenzekani, ngakho Uthumela umuntu othize phansi futhi akuqinisekise lokho. Futhi kweqa ikhanda lezigidi, ngoba, ubumnyama busibekela umhlaba ngalesosikhathi. Nabantu bathanda ubumnyama kangcono kunoma bethanda ukuKhanya, ngoba ubumnyama bunenqwaba yenjabulo.

57 Ngibone umdlalo waseHollywood, esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Ukuphila kuqala emva kokushona kwelanga." Yilapho-ke ukufa okuqala khona; onke lamaklabhu asebusuku, nalapho abacabanga ukuthi baphila khona. Bayafa.

58 UNkulunkulu, ekuqaleni, wehlukanisa ukukhanya ebumnyameni. Ubehlala njalo ekwenza lokho. Wenzani na? Ucindezela lokho, ngokukhanya okuzayo, Ucindezela ubumnyama buye ngakwelinye icala lomhlaba.

59 Futhi yilokho impela okuzofezeka manje. Kungaphambi nje kosuku. Inkanyezi yokusa iphumile ukubingelela usuku oluzayo. NoMoya oNgcwele ukhombisa ukuKhanya kwaWo. Kuza isikhathi lapho ukuKhanya nobumnyama kuyodingeka kwehlukaniswe, okunye kokunye. Ibandla nohlelo lwalo liyothatha uhlelo losuku olulodwa; futhi uKristu nesethembiso saKhe neZwi-eliwukuKhanya liyongena ekuHlwithweni. Yileyonto kuphela esibasalele ukuba bayenze. Wusuku, namhlanje, ngukusa kosuku olusha, kwabaningi ababheke ukuFika kwaKhe.

60 Abaningi kakhulu, abantu abaqotho abalungileyo namhlanje, yilokho okushisa izinhliziyo zabo, abaningi kakhulu, abantu abaqotho abalungileyo njengoMariya noJosefa. Babevela emkhosini, futhi balahlekelwa nguJesu. Abantu abaningi benza leyonto efanayo namhlanje, becabanga ukuthi Wayenabo. Manje, ngifuna ukubeka lokhu ukukhanya

okuncane kini, ukunikhombisa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lingelingenasiphosiso kanjani.

61 Sonke silapha, kulentambama, esingamaKristu, sikholwa ukuthi uJesu Kristu wayeyiZwi likaNkulunkulu, libonakalisiwe. Sikholwa ukuthi Wazalwa yintombi. Wayeyitabernakele lapho uNkulunkulu uSomandla ayezitabernakele khona, lapha emhlabeni. Hhayi nje umprofethi, hhayi nje umuntu ojwayelekile, kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe ezibonakalise esimweni somuntu. Wayengu*Emanuweli*, "UNkulunkulu unathi." Siyakukholwa lokho, ngenhliziyo yethu yonke. Futhi manje qaphelani lapho uMartha noma . . .

62 UMariya, njalo, noJosefa, becabanga ukuthi uJesu wayenabo, babezwa nje ukuthi Wayenabo, becabanga, "Kufanele ukuthi nje konke kukahle. Ubophezelekile ukuthi abe nathi." Kodwa babephaphalaze ngokudabukisayo. Wayengekho.

63 Abaningi kakhulu, abantu abalungileyo unjengalokho namhlanje. Bayacabanga, bayalibona ihora lisondela, bayazi ukuthi kukhona okulungela ukwenzeka, benzani na? Bayahamba bayojoyine isonto, becabanga ukuthi Unabo. Baxhawulana nomshumayeli, becabanga ukuthi yilokho kuphela abafanele bakwenze, "Unabo." Baqinise noma babhaphathize ngenye indlela, yilokho kuphela abafanele bakwenze, becabanga ukuthi uJesu ukanye nabo. Mfowethu, dadewethu, njengoMariya nje, uJosefa, basendulo, abantu abaqotho ngempela, nokho bayaphaphalaza.

64 Ukuphila kwakho kuyafakaza ukuthi ngabe uJesu unawe noma qha. Ukuphila kwakho kuyakhombisa noma ngabe Uhlezi *lapha*, kumbe noma ngabe Usekhona emazulwini aKhe noma qha, noma ngabe uyini. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Beningaba kanjani noKristu kini, bese kuthi wona lowoMoya okini uphike iZwi laKhe, uthathe isivumokholo esikhundleni na? Ungeke ukwenze. Ubeyobe uzehlula Yena ngokuphika iZwi laKhe uQobo.

65 Ngoba nje umuntu othize ufake ukuhumusha okungesikho kuLo na? Ninalo iBhayibheli, ningalifunda njenganoma ubani omunye. Nibe qotho.

66 UDavide wathi, "Beka Yena njalo phambi kobuso bakho." Nazi ukuthi uma sihlangana ngalonyaka omusha, sihlangana nawo ngamandla okuvuka kukaKristu. "Uphambi kwami njalo. Angiyikuzanyazanyiswa."

67 Qaphelani ukuthi iZwi alinasiphosiso kanjani. UMariya noJosefa . . . Manje kinina, bangane bami bamaKatolika abathandekayo, enathi uMariya wayengunina kaNkulunkulu. UMariya wayengesuye ngisho unina kaJesu, kungasaphathwa ukuba ngunina kaNkulunkulu. Wayengaba kanjani na? Kunjalo. Akakaze nakanye Ambize ngonina; nhlobo.

68 Beza kuYe ngesinye isikhathi, base bethi, "Unyoko nabafoWenu balinde ngaphandle."

69 Wabuka ibandla laKhe, wathi, "Ubani umama waMi na? Ubani abafoWethu na?" Wabuka abafundi baKhe, wathi, "Labo owenza intando kaBaba waMi, lowo uyafana nomama waMi, waMi . . ."

70 Esiphambanweni, ngenkathi Efa, Wakhuluma into efanayo futhi. Wathi kuJohane, uJohane lapha, lendoda, "Ndodana, bheka unyoko!" Akusikho ukuthi, "Mama, bheka indodana yakho." "Mame, bheka indodana yakho!" Akusikho, niyabo, wayengesuye unina kaNkulunkulu.

71 Wayeyisizalo esibolekiwe nje uNkulunkulu asisebenzisayo; engahluke ngalutho kunoma yimuphi omunye wesifazane uNkulunkulu athatha umcabango ukuba awusebenzise. Wayengasebenzisa i (sakho) sizalo senhliziyo yakho, ukumemezela iNdodana yaKhe, uma u—uma nje wawungase uMvumele akwenze. Niyabo? Akusuye unina kaNkulunkulu. Kwakuyobakhona umuzwa, ngisho nokuba yimbewu kaMariya. Wayengesiyo ngisho imbewu evela kuMariya.

72 Kwakungu, yonke into, kwakunguNkulunkulu, umdali. Uma uAdamu wokuqala emuva lapho adalwa ngaphandle kukababa nomama, uAdamu wesibili wayeyinto efanayo. Futhi noma yini engaphansi kwalokho yayingeke iMbeke ekulinganeni naYe. Kunjalo. UNkulunkulu ofanayo, Wadala umzimba Yena qobo lwaKhe ahlala kuwo.

73 Manje siyathola, bukani ukuthi kanjani, bukani, uma uMariya wayengunina kaNkulunkulu, ukuthi wenza iphutha kanjani, lapho. Wathi, "Uyihlo nami besiKufuna ngezinyembezi." Ephika ukuzalwa yintombi, "Uyihlo, uJosefa, nami, besiKufuna."

74 Bhekisisani ukuthi uMfana oneminyaka eyishumi nambili ubudala, uMntwana oneminyaka eyishumi nambili ubudala, ethi, "Anazi yini ukuthi Ngimelwe ukuba ngibe kokukaBaba waMi, ephikisana nalawomahlelo phezulu lapho na?" Manje, uma Wayesemsebenzini kokukaJosefa, Wayezobe esezansi esitolo sombazi. UJosefa wayengesuye ubaba waKhe. UNkulunkulu wayenguYise. "Anazi yini ukuthi bengifanele ngibe kokukaBaba waMi na?" Phezulu lapho, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, nalabobapristi abafundisiwe. Engakaze alubhade esikoleni, kepha nokho bamangala ngokuhlakanipha. Futhi bukani i . . .

75 WayeyiZwi. Ngenkathi Ezalwa, WayeyiZwi. Useyilo iZwi. Qaphelani, iZwi ngeke lithathe into-mbumbulu. Wathi, "Uyihlo nami besiKufuna ngezinyembezi."

76 Wathi, "Anazi yini ukuthi ngimele Ngibe kokukaBaba waMi na?"

77 Wasola umama waKhe uQobo? Ngani? WayeyiZwi. Kuzobakhona umbuzo emqondweni womunye, uma uMariya lapha, owake wathi u "Moya oNgcwele" wamsibekela futhi wazala iNdodana, futhi lapha ubiza uJosefa ngobaba. IZwi alinasiphosiso. Ngeke lehluleka.

78 "Anazi yini ukuthi beNgifanele ngibe kokukaBaba waMi na?" Futhi WayekokukaBaba; hhayi—hhayi emsebenzini kokukaJosefa, enza iminyango ne—nezinto zokubazwa. WayekokukaYise, eqondisa ezombusazwe zenkolo ababenazo ngalolosuku. "Anazi yini ukuthi Ngimelwe ukuba Ngibe kokukaBaba waMi na?" Yebo, mnumzane.

79 Abantu abaningi namhlanje, enqwabeni yalamabandla amahle, azongena kulowomkhandlu webandla; hhayi ukuthi "azo" ngena, asevele alapho. Ayakuzwa ngokukubona lokho ukuthi yinto impela nje yokuthi yenziwe, "Ngobungani, kamnandi, asihlangani ngani sonke na?" Ngani, abezama, konke iminyaka, ukwenza onke amaMethodisti abe yiBaptisti, nawo onke amaBaptisti abe yiPresbyterian; amaPentecostal lizame ukwenza bonke babe amaPentecostal. Ngeke nakwenza lokho, kodwa umkhandlu yimpendulo yenu. Yileyo impendulo, lokho iBhayibheli elithi bayokwenza, futhi yilokho impela nje akwenzileyo. Lingamabandla anobungani, yebo, mnumzane, ukubuthana ndawonye, "Kuhle, asibe nenhlanganyelo!"

80 IBhayibheli lathi, "Bangahambisana kanjani ababili bengavumelananga na?"

81 Amanye awo aphika ukuzalwa yintombi. Amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili amabandla amaProtestane ayakuphika ukuzalwa yintombi. Futhi ayawuphika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ayaziphika izibonakaliso zokuFika kwaKhe, Amandla okuvuka. Ayaphika ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ungakwenza kanjani, uma uNkulunkulu efake yonke lenxushunxushu ezweni ngoba owesifazane ngelinye ilanga wangabaza umusho omncane owodwa weZwi laKhe na? USathane wamtshela iQiniso, lonke kodwa kwaba yinto eyodwa, kodwa kwaba yileyonto eyabangela yonke inkathazo. Manje, uma lonke lolusizi nokudabuka enikubukayo, ngoba umusho owodwa omncane waLo waba ngukungabaza, nicabanga ukuthi umusho owodwa omncane owodwa wokungabaza uyoke usingenise na?

82 Yingalesosizathu uJesu ezela iNtombi emhlophe, emsulwa, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi engesiyo eyezwe, kodwa yaMandla kaNkulunkulu. O, kumangalisa kanjani ukwazi ukuthi kukhona ukwenzeka ukuthi ungene kuleliQembu! Ukwenza kanjani na? Soze wakwenza ngokujoyina ungene enhlanganweni. Uyokwenza uma uBhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, ungene eMzimbeni ofiphele kaJesu Kristu,

uvuswe naYe ekuvukeni, ukhululekile ekufeni nasesonweni. Yileyondlela kuphela.

83 Ubumnyama! Amahlelo amakhulu, neqembu elikhulu lomuntu libuthana ndawonye bese lihlela imibono yabo ngaLo, nalokho kuniphosa kunibuyisele ngqo niyongena ekusontekeni njengoba kwakukhona ekuqaleni. Akukhomathemba nhlobo kulolodaba; nje awusekho. Futhi onke abonakala nje eshukume kakhulu ngalamabandla anobungani, cabanga ukuthi uNkulunkulu unawo yini, "Awu, isikhathi semiNyaka eyinkulungwane sizoqala uma umkhandlu wonke usubuthana ndawonye phezulu lapho, nayo yonke imikhandlu yenkolo yobukristu, nokunjalo," futhi angena ajoyine. Enzani na? Enza umfanekiso kuso isilo, amandla, lapho onke lawa angesiwo amahlelo, nokunjalo, engeke angena ajoyine nawo, ayovalelwa ngaphandle. Bhekisisani nje futhi nibone ukuthi lokho kuyenzeka yini.

84 Nginakho kubhalwe phansi lapha, lona impela usuku esi . . . INkosi yangivumela ngakubona lokho ngo 1933. Futhi nakhu ngayo impela nje indlela a . . . indlela Elasho ngayo, kuza ngendlela efanayo nje, ukuthi uphapha uyosuka kanjani eRoma, nokunjalo.

85 Manje, bangabantu abalungileyo, kodwa baphaphalazile. UJosefa noMariya babengabantu abahle, kodwa bephaphalaze ngempela. Kodwa kwakuyini na? UNkulunkulu wasebenzisa uMfana oneminyaka eyishumi nambili ubudala ukukhombisa ukuthi iZwi lizofanele lihlale limsulwa, khona impela Elaliyikho, Elakushoyo endaweni yokuqala, "Wazalwa yintombi," futhi yilokho Ayeyikho.

86 Ecabanga ukuthi Wayenabo ngenkathi bejoyina amabandla, nokunjalo, kodwa Lalingenabo. Manje, kodwa kwabaKhethiwe . . . Manje, lobo ngubumnyama, futhi bengingahlala kulokho elinye ihora.

87 Kodwa kwabaKhethiweyo, abayiGugu nabaBiziweyo, abaNgcwele bakaNkulunkulu, ngithi kini, lonyaka ozayo: Shalom, ukuthula kukaNkulunkulu!

88 Ihora selilapha! Ukuba ngangikade ngisemuva lapho ngaphambi kwezinsuku izwe eladalwa ngazo, futhi ngabuka phansi futhi ngayibona yonke into, noBaba kade ethe kimi, "Yiluphi usuku owawuyofuna ukuphila kulo na?" Ngangiyothi manje, khona manje! Yilelihora! Yilelihora elikhulu kunawo onke iBandla ukuba like lingene kulo, ngaphambi nje kokufika koMyeni. O, iBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo belifanele libe semlilweni, livutha, linokuKhanya kweVangeli kuqinisekiswa phakathi kwabo. "Vuka ukhanye, ngokuba ukuKhanya kufikile kuwe," ukuKhanya kwalolusuku. UIsaya wayengukukhanya kosuku lwakhe. UNowa wayengukukhanya kosuku lwakhe. Ngani na? WayeneZwi libonakaliswa.

NeVangeli, amaZwi eBhayibheli alolusuku, ngukuKhanya kosuku. Isikhathi esiyinkazimulo kangaka pho esiphila kuso!

89 Manje, "sanibona ekuseni" kusho *ukuthula*. Ubumnyama buyaqoqana. Buqoqanela ini na? Ukukhombisa ukuKhanya. UIsaya 60:1, "Vuka ukhanye, ngokuba ukukhanya kufikile kuwe." Yingalesosizathu ngingathi, "Shalom," ukuKhanya kufikile kuwe, ukuthula kukaNkulunkulu koweSifazane okhethiweyo, eNenekazini elikhethiweyo; labo uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wababizela ngaphandle futhi wabagcobela kuLokho.

90 Abasele babo abasoze baKubone. Abasoze bazi lutho ngaKho. IBhayibheli lasho njalo. NoJesu wathi, "Akekho oyoza kiMi uBaba waMi engaMdonsi, kuqala; nakho konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyoza." Lokho yi . . .

91 Nakho kumi uJuda, ukuKhanya kukhanya phezulu *lapha*, kodwa emuva enhliziyweni yakhe kwakuyimbewu emnyama. Lapho kufika ukuhlala obala kwamaqiniso, ubumnyama babonakala.

92 Nakhu kwakukhona omncane, owesifazane omdala, emnyama bhuqe konke, phezulu *lapha* ngaphambili, kodwa phansi *lapha* kwakuyimbewu eyamiselwa ngaphambili. Futhi lapho kufika ukuKhanya, Kwahlakaza ubumnyama, futhi kwabonakala obala. "Siyazi uMesiya uyeza, futhi, uma Efika, Uyosikhombisa lezizinto."

UJesu wathi, "NginguYe."

93 Kodwa uJuda waLingabaza, nokho efanele ukuba ngabe uhamba ekuKhanyeni. Niyabo, ukuKhanya phezulu *lapha* akunandaba; ngukuKhanya phansi *lapha* okuyikhona kusemqoka. UkuKhanya phezulu *lapha* kuyohamba futhi kuhlanganyele, nakho konke okunye; kodwa uma amandla kaNkulunkulu angempela engena, ngeke kwabuyela ku*le* mbewu efile, iyobonisa ukukhanya okungena ehlelweni.

94 Kodwa uma Ingemuva phansi *lapha*, eyangoqobo, imbewu emiselwe ngaphambili, uma lokho kuKhanya kwehlela lapha, kukhombise bonke ubumnyama budeda kuwe, bese kukufaka enhlanganyelweni noKristu. Waba nguYe Owakupha ukuPhila ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kungenjalo awusoze waKubona, okwashiwo nguNkulunkulu.

95 Manje, kuwena-Mbewu eyamiselwa ngaphambili, Shalom! Amen. Ukuthula kukaNkulunkulu makuphumule phezu kwakho, ngoba sesiseduze kokuphela manje. Sikhona impela phansi eduze kokuphela. Sizokhuluma ngaleloqembu, okwesikhashana. Shalom!

96 UkuKhanya kukaNkulunkulu sekufikile. IZwi, ukuKhanya, kuyaqinisekiswa futhi, ukuze nibone izibonakaliso zokwenza zesethembiso sikaNkulunkulu zalolusuku. "Hlolani imiBhalo,

kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade." Ifakaza ngosuku esiphila kulo. Yini ukuKhanya kosuku na? Lethembisani iBhayibheli ngalolusuku na? Niyabona ukuthi hora-lini!

97 Akumangalisi uJesu abasola ngokungakholwa nguJohane. Wayengukukhanya, ngoba umprofethi wathi uyofika. Futhi wayelapho, ukukhanya okubonakalisiweyo. Abakubonanga. Abakuqondanga; babecabanga ukuthi wayenguMesiya, futhi *ba*cabanga enye into, na*lona* okunye. Behluleka ukuLibona.

UJesu uyaqhamuka. Izinkanyiso ezimbili ngeke zakhanya ngesikhathi esifanayo.

98 Ngeke kwakhanya ukukhanya kwebandla nokuKhanya kukaNkulunkulu kwakhanya ngesikhathi esifanayo. Kufanele kube ukuKhanya kukaNkulunkulu kukhiphela ngaphandle ukukhanya kwebandla. Futhi yilokho impela okwenzekayo namhlanje. UNkulunkulu wehlukanisa ubusonto ekuKhanyeni kwaKhe kweZwi elethenjisiwe lalelihora esiphila kulo. YiQiniso lelo, mngane. Ungahle ungafuni ukukukholwa lokho, kodwa nje linda futhi uthole kunjalo yini noma qha. Ungalindi, kungcono ungene njengamanje lisekhona ithuba lokungena.

99 IZwi lingukuKhanya uma Liqinisekiswa. Kuze kube yiZwi, lethembise usuku, lingeliqinisekisiwe, khona-ke alisikho ukuKhanya. Ngeke laba yikho. Uma uNkulunkulu athi, "Makube-khona ukukhanya," futhi akukho-langa elibonakalayo, akukho-phawu lokukhanya. Kodwa lapho uNkulunkulu ethi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya. Lapho uNkulunkulu ethembisa uMesiya, uMesiya uyafika, khona-ke iZwi laKhe lagcwaliseka futhi WayengukuKhanya kwehora. Lapho Ethembisa uNowa, futhi Wethembisa abanye, futhi kwehle njalo, babengukukhanya kwehora.

100 Futhi kukhona ukuKhanya kwehora namhlanje, lowo nguJesu Kristu emandleni okuvuka kwaKhe, iZwi laKhe elethenjiselwe lolusuku. "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza; omkhulu kuna lo niyakuwenza, ngokuba mina Ngiya kuBaba." Imisebenzi emikhulu ngokwedlulele, izinto ezinkulu ukwedlula Azenzayo? Niyakukholwa na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Ngiyakukholwa. Kubonakala kungokuthobile. Kubonakala sengathi kweqa ukhakhayi lwekhanda labantu. Bukani ngenkathi Elapha emhlabeni, ubungayenza kanjani imisebenzi "emikhulu kunayo" na? Ngikuhumushile lokho, izikhathi eziningi, "eminingi," kodwa yinto efanayo. "Emikhulu kunayo," Wathi kuJohane oNgcwele 14:12, "imisebenzi emikhulu kunalo niyakuyenza."

101 Niqaphelile na? Ngenkathi Eyokwenza amanzi abe yiwayini, Wathatha amanzi, kuqala; into esivele idaliwe, wawaphendula aba yiwayini. Ngenkathi Epha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, Wathatha inhlanzi eyake yatshuza emanzini,

wayihlephula, wabanikeza yona, futhi kwandiswa okudaliweyo. Wathatha isinkwa esake saba ukolo, sabhakwa saba yisinkwa, wasihlephula wase esiphanyeka e. . . wasinikeza abantu, futhi sabuye sabuya futhi. Okudaliweyo okwandisiweyo!

102 Kodwa ngezinsuku zokugcina, lapho okungekho-phawu lokudaliweyo, Ukhuluma kube khona, noma kanjani, kukhombisa ukuthi nguNkulunkulu ofanayo owayekhona ekuqaleni. Angadala izingwejeje, Angadala noma yini Afuna ukuyidala, ngoba UnguNkulunkulu. “Izinto ezinkulu kunalezi niyakuzenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.” IZwi alinasiphosiso, futhi Lizobonakaliswa futhi ligcwaliseke. “Okukhulu kunalokhu niyakukwenza,” akusikho ukwandisa, kodwa ukukhuluma kudaleke.

103 Qaphelani eZwini manje ngenkathi Ethembisa. Kuphi, sikuphi-ke, manje na? siphila kuluphi usuku na? Hora lini na? Ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu, njengoba linjalo kuwo onke amahora. Ninawo uMlayezo kothi *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa*. Bhekisisani impela ukuthi ngasinye salezozilo esaphumayo, neZilo ezayilandelayo. Bhekisisani impela ukuthi akushayanga yini kwehla njalo ngonyaka wabaguquli, nawo wonke unyaka, ngayo impela indlela okwakufanele kube ngayo, khona impela okwashiwo yiZwi. Futhi kanjalo uMoya oNgcwele uzobonakalisa namhlanje khona impela iBhayibheli elathi kuyoba njalo.

104 Sibona ukufanekisa kwesithunzi emazulwini nasemhlabeni, nazo zonke izinto, nemikhandlu nezinto zilungiselela.

105 Futhi siyabona, phakathi kwakho konke lokho, iVangeli elikhazimulayo likaJesu Kristu, elethenjiselwe lolusuku, Lizibonakalisa. Siphila esikhathini esimangalisayo. Shalom kini enineZwi phansi enhliziyweni yenu, enakhethwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuzwa iZwi lalolusuku. Uma ningalizwa, kungunyaka omubi ngaphambili. Uma nilizwa, kuyizwe elikhulu kini ngaphambili, noma usuku olukhulu, unyaka omkhulu uza manje, unyaka omusha.

106 Akusikho ukuphenya ikhasi elisha; inqwaba yabantu izama ukuphenya ikhasi elisha ngonyaka omusha, abuye alibuyisele ngosuku olulandelayo.

107 Njengendatshana engangiyifunda ngokunye ukusa. Owesifazane wayempongolozela umyeni wakhe, owayevuke kusesekuseni futhi waphuma futhi wathenga iphepha lasekuseni, futhi waifunda iphepha lasekuseni. Yathi . . . Wathi, “Kukhona okusha ezindabeni na?”

Wathi, “Qhabo, yinto efanayo nje, kuphela abantu abehlukile.”

108 Kuthi nje akube ngaleyondlela namhlanje, into efanayo. Sinenhlangano entsha, imfundiso endala efanayo; nje

ukuyiwotawota, omunye uthola umusho omncane wakho ohamba nga*le*ndlela noma nga*leyo*ndlela.

109 Lolu wusuku olusha! [UMfowethu Branham ushaya kabili phezu kwepulpiti—Umhl.] Haleluya! Yilolusuku esifanele sivuke futhi sikhanye ngalo, eMandleni kaJesu Kristu. Isigayegaye kuhlezi phezu komhlaba; kufanele kubekhona usuku olusha lwethu, yebo, impela, ekwenza ngendlela Akwenza ngayo. Kodwa phendukelani eZwini laKhe futhi nibone isithembiso esethenjiselwe lolusuku, futhi nizokwazi noma niphila ekuKhanyeni noma qha. Ukushintsha ikhalenda akusishintshi isikhathi; kushintsha kuphela ikhalenda.

110 Manje lalelisisani. Yenzani njengoba kwenza uDavide, bekani ikusasa lenu esandleni saKhe. "Kanjani na? Ngizokwazi kanjani ukuthi ngifanele ngenzeni, Mfowethu Branham na?" Beka ikusasa lakho esandleni saKhe. Kungendaba ukuthi kufikani noma kuhambani; thembani Yena. UyiZwi, manje yazini. UDavide wathi, "Isikhathi saKhe sisesandleni saMi. Thembani kuYe ngaso sonke isikhathi. Thembani kuYe njalo." Wayazi ukuthi Ubani owayephethe ikusasa, uDavide wayazi, yingalesosizathu ayekwazi ukusho lokhu. Munye kuphela Obambe ikusasa, lowo nguNkulunkulu. Ngakho, Ubambe i—ikusasa, Makakubambe. Kulungile.

111 Abanye abantu uthi, "Kodwa, Mfowethu Branham, ngizame ngazama."

112 Kodwa awulinde umzuzu. Ukubekezela kungubuhle bokuziphatha. Ukubekezela kungubuhle bokuziphatha bukaMoya oNgcwele. "Labo abalinda eNkosini bayohlumelela amandla abo."

113 Wena uthi, "Ngingabe ngisalinda kanjani isikhathi eside na?" Qhubeka nje ulinde. Uma sewenze konke ongakwenza ukuba ume, yima-ke, niyabo, yima nje. "Ngizokwenza kanjani na?" Yima! Wathi yiQiniso, futhi yiQiniso. Wathi kuzokwenzeka. "Kanjani na?" Angazi; kodwa kuzokwenzeka. Washo njalo. Wakwethembisa. Uma Akwethembisa, kuzokwenzeka. Yilokho kuphela. Ngeke kwachitheka.

114 Ngakho manje khumbulani nje, uNkulunkulu wathatha izinkulungwane zeminyaka ukugcwalisa isithembiso saKhe soMsindisi ozayo. Iminyaka eyizinkulungwane ezine, uNkulunkulu ayithathayo ukugcwalisa lesosithembiso. Kodwa Wayazi, kusukela ekuqaleni, ukuthi nje kwakuzokwenzeka nini. Wayazi; akekho omunye owayazi. Wathi nje kuzokwenzeka. Futhi ngenkathi kwenzeka, abantu wayesenkohlisweni enkulu, baze ababe besazi ukuthi bazokwemukela kanjani. Uma leyonto isiphindile futhi! Kuhlala njalo kwenza, akwehluleki neze, macala omabili, njalo.

115 Wenzani ngaleminyaka na? Wakhombisa imifanekiso yaKhe eza.

116 Wakukhombisa kuJosefa. Uma ubungabuka impilo kaJosefa; wazondwa ngababafowabo, wathandwa nguyise. Ngani na? Ngoba wayengowomoya, ngoba wabona imibono. Bonke abanye abayibonanga imibono; babengokhokho kodwa abayibonanga imibono, bahumushe amaphupho. Kodwa babanomona ngaye. Futhi wathengiswa cishe impela ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, wavuswa wakhishwa emgodini lapho okwakucatshangwa ukuthi ufile khona, wahlala ngakwesokudla sikaFaro. Futhi esesuka esihlalweni sobukhosi, icilongo lakhala, "Guqani; uJosefa uyeza!"

117 Khona impela okwenziwe nguJesu, uhleli ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Futhi uma Esuka esiHlalweni sobukhosi, icilongo liyokhala. Nawo onke amadolo ayoguqa, futhi avume kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Impela.

118 Wakukhombisa emifanekisweni kaDavide, ngenkathi ephezulu e...inkosi elahliweyo ebuka ngale kweJerusalema, ekhala izinyembezi. "BeNgifisa kangakanani ukunifukamela, njengesikhukhukazi emazinyaneni aso, kepha anivumi."

119 Kusukela phansi eminyakeni, Wakukhombisa ngemifanekiso, azi ukuthi ngolunye usuku umfanekiso wokugcina uyogcwaliseka, nokubonakaliswa okugcwele kukaMesiya othenjisiweyo kubekhona. Futhi lapho isithembembiso esigcwele sifika, nakuba Wakufanekisa... Usuku nosuku, unyaka nonyaka, Wakufanekisa. Futhi lapho sekufika entweni yangempela, abasikholwanga.

120 Wenze into efanayo, wayifanekisa, futhi wayikhombisa eminyakeni yebandla, nakho konke, kuya ehoreni esiphila kulo, nabantu basesigayegayeni, babonakala sengathi nje abakwazi ukukubamba. Into edabukisa kanje pho!

121 Kunjengakho nje ukubona insizwa phandle lapha, enhle, enkulu, umfo owakheke kahle nezinwele zakhe, ezenze zasongana njengoba kwenza abesifazane, efake nokusabhulukwe elimpintshayo labadansi, nelikhulu ijezi elide lize layofika phansi, efake nezicathulo eziphephuli. Ubudoda? O, he, into embi kabi kanje pho ukuthi ungayibiza ngowesilisa! Into enje pho ibizwe ngowesilisa! Kunjalo.

122 Ubone omunye wesifazane, ofanele ngabe muhle isizotha futhi uyathandeka, aphume egqoke ibhulukwe lamadoda, usikilidi emlonyeni wakhe, nezinwele eziphunguliwe. Into enje pho ukuba ibizwe ngowesifazane! UJesu wabiza uMariya ngokuthi, "mame." Akufanele ngisho ukuba kubizwe kanjalo; isifazane nje.

123 Qaphelani, nehora! Ngani na? Ngezinye izikhathi abantu abazisho futhi abacabanga ukuthi baqotho, kodwa isigayegaye sibafake kulokhu. IBhayibheli lathi bayoba njengalokho. Fundani uIsaya 6 futhi nithole ukuthi abesifazane wayengezukwenza yini ngaleyondlela ngezinsuku zokugcina,

khona impela nje iBhayibheli elathi bayokwenza. YiZwi likaNkulunkulu. UJeremiya nabanye abehlukene bakhuluma ngalelihora esiphila kulo manje, ngoba babone ukuphela ekuqaleni. Ngakho sibona lezizinto, nesigayegaye phezu kwabantu.

124 Yebo, kwathatha uNkulunkulu iminyaka eyizinkulungwane, phosa . . . ekhombisa imifanekiso nakho konke, futhi ekugcineni abaMazanga lapho Efika, nakuba wayefanekiswe kuJosefa noDavide noElija, nabo bonke kwehle kwedlule lapho. Wayefanekiswa nabo, kepha nokho asiqondi ukuthi kungani bengaKubonanga. Futhi naKho kwakulapho, khona impela emBhalweni, "EBethlehema laseJudiya," Wayezozalelwa khona. Siyakuthola lokho emiBhalweni ukuthi Wayezozalwa kanjani, intombi. "Intombi iyokhulelwa izale uMntwana, futhi bambiza ngoEmanuweli."

125 BaMbulalela ini na? "Ngoba WaZenza uNkulunkulu," futhi WayenguNkulunkulu. Impela, bayakuvuma. "Wathi UZenza uNkulunkulu, elingana noNkulunkulu, ethi, 'NgiyiNdodana kaNkulunkulu.'" Ngani, Wayeyiyo!

126 IBhayibheli lathi Ufanele abizwe ngokuthi, "uMluleki, iNkosi yokuThula, UNkulunkulu onamandla, UYise ongunaphakade, Omangalisayo!" Yilokho Ayeyikho. Abakuqondanga ngani lokho na?

Akumangalisi Athi, "Nifanele nihlole imiBhalo."

Bathi, "Singabafundi bakaMose thina."

127 Wathi, "Ukuba beningabafundi bakaMose, beniyongazi Mina. UMose waloba ngaMi." Futhi abakwazanga.

128 Nehora liphezu kwabantu futhi, lapho bezoya ezivumwenikholo zabo nezinto, esikhundleni sikaJesu othandekayo. Kunjalo. Lezizinto ezinkulukazi ziqubuka, futhi kubaletha kubangenisa ngqo ebumnyameni obuningi nobumnyama obuningi. NoNkulunkulu ekumemezela eZwini laKhe, ngezibonakaliso nezimangaliso emazulwini, futhi eveza, esho izinto okwenzeka nje impela kulo ihora nakuwo umzuzu, okwakuzokwenzeka. Futhi manje-ke njalonjalo bahamba baqhubeke ngendlela efanayo. Kubukeka sengathi nje abakwazi ukukuyeka. Abantu abalungileyo, yebo, mnumzane, benza into efanayo manje njengoba benza ngaleyonkathi.

129 Siyizidalwa zesikhathi. UNkulunkulu uyizidalwa zaPhakade . . . UNkulunkulu uyisidalwa saPhakade. Akazange aqale futhi Akasoze aphela. Pho yingani ungazinikeli kuYe na? Buka phezulu, futhi ukhanye injabulo yokuKhanya kweZwi likaNkulunkulu elikhanya namhlanje. Yingani abantu bengakuboni Lokho, bangane na?

130 Lalelani, ngingumfowenu. Ngiyanithanda. Bekungebe lula nje kimi ukukubekezelela, lapho, futhi ngiqhubeke futhi

ngithi, "O, awu, ngizoxegisa kuLokhu, Ngizo comp-. . ."? Angenziwanga ngalokho. Qhabo, mnumzane. Uma kuyiZwi, yiZwi. UNkulunkulu asisize ukuba simele leyonto eyiqiniso! Yebo, mnumzane. Kungaba kuhle, impela, uzothola okuningi ukumbambathwa emhlane. Kodwa mina ngi, engiyokwenza ngimi lapho ngaloloSuku lapho leyominwe emathambo ingikhomba ebusweni futhi ithi, "Wawazi kangcono, kodwa wehluleka ukusitshela na"? Wewu! Qhabo!

131 Kuyoba njengakuPawulu, "Angigwemanga ukunitshela lonke iCebo likaNkulunkulu." Akukho-gazi lamuntu eliphezu kwami. ALiye lapho elingaya khona. Lelo yiQiniso. UNkulunkulu uyakwazi, futhi Uyakwesekela futhi athi kuyiQiniso.

132 Uphendukele kukuphi, kuMfowethu Branham na? Wena, uyoba nobuwula ukuba wenze into enjalo. Phendukela kuKristu, futhi UyiZwi! Phendukela kuKristu!

133 Suka kwizivumokholo! Buya ungene e. . .Anginandaba, ungahle ukuba waqala isivumokholo sakho, eminyakeni engamakhulu amahlanu eyedlula, lokho nje u. . .Lokho akuthi shu kuNkulunkulu. LabobaSadusi nabaFarisi baqala kudala ungakaqali, futhi silahlwa ngecala.

134 O, uzama ukubeka ubufakazi bakho obubonakalayo bukaMoya oNgcwele phezu kwezenzo ezehlukene. Ngiyakholelwa ezibonakalisweni zikaMoya oNgcwele. Kwenzani na? IPentecostal ithi, "Ukukhuluma ngezilimi kungubufakazi bokuqala obubonakalayo bukaMoya oNgcwele." Ngibabonile abathakathikazi nabathakathi bekhuluma ngezilimi. Ngibabonile bekhuluma ngezilimi futhi bephuza igazi elisogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi baprofethe futhi baphike ukuthi yayikhona into enjengoNkulunkulu. Ngike ngaba sezinkanjini zabathakathikazi lapho bebeka khona ipensela etafuleni bese belenza ligxume phansi-phezulu, futhi libhale ngezilimi ezingaziwa futhi bakuhumushe. Kunjalo. Lokho akuhlangene ne. . .Nokho, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhuluma ngezilimi ezingaziwa ngabantu baKhe. Kodwa nigcizelela kakhulu kulokho, "Yingani kufanele kubekhona umhumushi na? Yingani kufanele kubekhona umlayezo ebandleni na?"

135 Bese-ke nina abanye abantu, nithi, "Izithelo zikaMoya, sazi kanjalo. Uthando, ukujabula, sinabo kanjalo-ke ubufakazi obubonakalayo." Yibo? Khona-ke iSayense yamaKristu inishaye nonke. Bayakwenza lokho ukwedlula nina nonke maPentecostal, maMethodisti, namaBaptisti, nihlanganiswe ndawonye.

136 Qaphelani ukuthi kwenzekani. Ake nginikhombise izithelo zikaMoya, futhi ngibone ukuthi niyobe nisaya yini kulokho. Asithathe uJesu. UNkulunkulu angithethelele ngalamazwi engizowasho; ngizothi ukuMphendukela umzuzu,

ukunikhombisa, ngithathe lawa umkhandlu wendoda lapha, nalomkhandlu wendoda lapha kulentambama. Ngizothi . . .

137 "Banumzane, kukhona uMfo osemusha khona lapha nje, oGama linguJesu waseNazaretha, ningazihlanganisi ngalutho naYe! Ubani owaba ngowokuqala . . . Lisifundisa ukuthini iBhayibheli lethu na? UNkulunkulu uluthando. Ubani owaba ngowokuqala ngenkathi nizalwa na? Owenu onomusa, umpristi omdala. Kulungile. Ubani oza kuwe lapho wawusekudingeni, ungenamali, futhi wakweboleka imali na? Owakho onomusa, umpristi omdala. Impela. Ubani owabeka isandla ehlombe lakho nasehlombe likamama, ngenkathi lapho nase nizokwehlukana, futhi wakukhulekela ukuba ubuyele kuNkulunkulu na? Owakho onomusa, umpristi omdala. Ubani owabangakuwe, ngenkathi wena nomakhelwane wakho nisekuqophisaneni, futhi wanibuyisa naba ndawonye enhlanganyelweni na? Owakho onomusa, umpristi omdala. Kunjalo. Ubani, ngamazwi okugcina ozokusho phezu kwakho ngosuku ngaleya na? Ubani na? Bakuyeka ulale lapho ubole; kodwa owakho onomusa, umpristi omdala uyafika akubusise, bese ethumela iZwi likaNkulunkulu lihambisane kanye nawe. Owakho onomusa, umpristi omdala!

138 "Pho loMfo othiwa uJesu waseNazaretha, manje-ke, niyabo, Wavela kusiphi isikole na? Owakho onomusa, umpristi omdala wadingeka ukuthi azinikele, konke okwempilo yakhe. Umkhulu wakhe wayengumpristi. Ukhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho wakhe wayengumpristi. Wafaka sonke isikhathi sakhe enhlanganweni. Uqeqeshelwe eZwini; uyazi ukuthi ukhuluma ngani."

139 Manje sikhuluma ngezithelo zikamoya: ubumnene, uthando, ukujabula, ukuthula, ukuqonda, ukubekezela, ukuba nokubekezela, niyabo, isithelo sikaMoya.

140 "Pho loJesu, Wavelaphi na? Asinazwi lokuthi Wake waphuma kusiphi isikole. Konke Akwenzayo ngukuzama ukusimbula izikole esizakhile." Kungesikho okuningi kwesithelo sikaMoya lapho, yikho na?

141 "Wenzani phezulu lapho lapho labobahwebi abahluphekayo ezansi lapho, nosomabhizinisi ababe . . . Bona, abazifuyi izimvu, ngakho ba—babeka isibaya esincane phandle laphaya ukuze umuntu akwazi ukungenisa izimvu. Lowosomabhizinisi ohluphekayo, u—ufuna ukunikela ngemvu, ngoba kungokudingwa nguNkulunkulu. Ungenisa i—imvu, ukuyithengisela usomabhizinisi, ukuze anikelele umphefumulo wakhe. Wenzeni loJesu waseNazaretha na? Wakhahlela wagumbuqela amatafula akhe; wathatha isikhumba esithize waseluka, wabashaya labobapristi baphuma lapho; futhi wabiza owakho onomusa, umpristi omdala, ngenyoka otshanini; umzenzisi'!"

142 Manje lokho nikubiza ngesithelo sikaMoya na? Impela ngeke. Manje-nake siphelelaphi isithelo sikaMoya na? Awusacabangi ngokuba nesihawu esiningi, futhi Yena edabula esixukwini sabantu lapho, izixuku zilele, ziphuphuthekile, zikhubazekile, zihluphekile, zishwabene, ziyizinyonga, ziyizishosha, futhi akazange aphilise namunye wabo; egcwele isihawu. Abantu abamqondo ungowenyama abasoze baKwazi. Amakholiji awaKufundisi. Kuyisambulo. Impela. Isithelo sikamoya siqathaka lapho, asiqathaki na? Labobapristi babenesiphindwe kashumi isithelo sikaMoya.

143 Uzokwazi kanjani ukuthi yikuphi okuyikhona-khona? Ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, ukuKhanya kwehora. Impela. Kulapho-ke lokho okungubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, bekholwa yiZwi likaNkulunkulu uma Libonakaliswa. WayeyiZwi, elibonakalisiweyo. Nabanye babo baLenqaba, baLihleka, bahlekisa ngaYe futhi baMbiza ngo—ngombhuli, umoya othize omubi; nabo ubufakazi obubonakalayo, ukukhuluma ngezilimi, nampo ubufakazi obubonakalayo bezithelo. Ubufakazi obubonakalayo kuphela obukhona, kulapho umuntu ekholwa khona yiZwi elilotshiwe. Uma Liqinisekiswa, ehamba ekuKhanyeni kwaLo. UJesu wayengukuKhanya kwehora ngoba WayeyiZwi elethenjisiweyo lehora, futhi wazama ukubatshela kanjalo, kodwa babesebumnyameni kakhulu—kakhulu ukuba baLiqonde. Kunjalo, namhlanje, manje.

144 Manje izidalwa zesikhathi, siyizo. Nikelani izindlela zenu kuYe, futhi Uyonilethela ikusasa kahle, ngoba nje siMbona njengoba EseZwini.

145 NiMbonile eqinisekisa iZwi elethenjiselwe inamuhla. Niyakubona ezibonakalisweni enyangeni. Niyakubona emabandleni. Khumbulani.

146 “Wena wathi, ‘ebandleni,’ kuhlangene ngani lokho nebandla na?”

147 Umzuzu nje. Inyanga imele ibandla. IJerusalema liyidolobha lebandla elaziwayo elidala kunawo onke ezweni. UMelkisedeki uvela kulelodolobha; iNkosi yaseSalema, iNkosi yokuthula, iNkosi yaseJerusalema. Kunjalo, idolobha elidala kunawo onke ezweni. Futhi leyo kwakuyinyanga, njengalapho umthetho wasungulwa khona, futhi nakhu kufika leligagasi lobumnyama babeZizwe buza phezu kwalo. Wathi, “Babeyo, ibandla laliyonyathela phansi izindonga zaseJerusalema kuze kume isikhathi sokuhleleka kwabeZizwe.” Futhi nanti. Siphila kulo ngqo. Libuyela emuva ngqo, ngokuqinisekile impela nje njengoba igama lami nginguWilliam Branham. Yebo, mnumzane, singalibona. Lifanekiswa ngesithunzi, lafanekiswa ngaphambili, lashiwo kungakenzeki; libiza abaKhethwa

baphume. Badukuza baqonde ngqo ebumnyameni, bonke, lapho behamba. Kulungile.

148 Manje siyalibona iZwi laKhe liqinisekiswa. Siyakholwa. Ngakho uma Eqinisekisa iZwi lanamhlanje, ukuthi Liyini, ngikhathazwa yini ukuthi unyaka ulethani na? Ngikhathazwa yini ngonyaka ozayo na? Ngikhathazwa yini ukuthi ngiyaphila namhlanje noma ngiyafa namhlanje na? Lonke iZwi Alethembisa liyoqinisekiswa, onke! Uma Ekwazi ukukwenza namhlanje, emva kokukwethembisa iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlulayo; uma kuyiminyaka eyizinkulungwane eziyikhulu, namhlanje, uJesu uyobuyela emhlabeni ngomzimba obonakalayo, ebuyela iBandla, e—eliHlengiwe, uMlobokazi, futhi aMkhiphe lapha. Kungakhathaleki ukuthi kufikani, kuhambani, izimfashini, bethi "qhubeka," nabantu bangagxambuza baqhubeke bangene ebumnyameni obuphelele futhi bakholwe noma yini abafuna ukuyikholwa, kodwa uJesu Kristu uzobuya futhi. Ngethemba ikusasa kuYe, ngaleyonkathi. "Nkosi Nkulunkulu, angazi ukuthi ikusasa liphetheni, kodwa ngiyazi nguWe ophethe ikusasa."

149 IZwi laKhe lifana nje nokuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni okukhulu. Bangaki kini asebake bakuzwa ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni na? Awu, wonke umuntu useke wakuzwa. Manje khumbulani, ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni kungenkathi umculo umnquziki udlalwa emdlalweni wasesiteji. Ngicabanga ukuthi ngikusho kahle lokho, ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni. "UPeter neMpisi," niyakukhumbula lokho, indaba endala ukuthi babevamise kanjani uku. . .Ngikuzwile lokho, ukuthi bazithatha kanjani izigubhu futhi benze i—isiqophamuthi esincane siqopha, noPeter ephuma, nokubhovumula kwempisi, ukupupuza kwezimpondo; ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni.

150 Manje, uma ungakuqondi ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni, kuyisigejane esikhulu somsindo kuwe, uma ungakuqondi. Ufanele ukuqonde ukuthi kuyini. Konke kwenziwa ngamasayini neminyakazo, kodwa kudlala umdlalo wasesiteji kulokhu ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Manje, siyaqaphela, okunguyena kuphela oqondayo ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni ngumqambi nalabo abathakasele ukukwazi, uyakwazi ukushintsha kwakho, uyazi ukuthi kwenzekani.

151 Umqambi wazi wonke umnyakazo, kusukela ekugcineni kuya ekuqaleni, kusukela ekuqaleni kuya ekugcineni. Benikwazi lokho na? Lo owakubhalayo, uqamba lokhu, wazi yonke imigamanxo emincane. Uma azi yonke imigamanxo emincane, kanjalo nombhidi uzofanele akwenze, ukukubhidisa. Manje uzosisonta kanjani isivumokholo sakho kulokho na? Ukwehluleka okukodwa nje kwaleyonduku, leyosayini, isayini

engesiyo encane eyodwa emgamanxweni, ingakhipha bonke abashayi bezinsimbi ezikhalayo, ikhiphe konke ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Manje niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Umqambi nombhidi uzofanele abe semoyeni ofanayo.

152 Yingakho umfundisi neZwi likaNkulunkulu, Ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni okukhulu kukaNkulunkulu kade Ekudlala kusukela ekuntweleni kwesikhathi; umfundisi, eZwini, akabukanga ngapha wayesethi, "Ngikholwa ukuthi *lokhu* kufanele kube yikho; ufanele uKwenze nga*le*ndlela." Ufanele ahambe ngalokho ishidi loMnyuziki elithi akuthathwe ngakho. Lifanele lishunyayelwe kanjalo-ke iVangeli, indlela iZwi elithi Lithathe. Niyazi, ukuba ubungaphosa isivumokholo phakathi Lapho, unento exoveke yonke. Kufanele kuhambe ukwenza umdlalo wasesiteji ube ngakho impela nje.

153 Umbhidi ufanele ahambe ngalokho okushiwo ngumqambi, ashaye kanjalo impela nje, umnyuziki. Manje bhekisisani, konke kwenziwa ngamasayini, futhi kufanele kube wuhlobo olufanele lwesayini, ukunikeza uhlobo olufanele lomsindo.

154 UPawulu wathi, "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?

155 Manje niyambona uMqambi, uNkulunkulu, Owaloba iBhayibheli, kuyisambulo ngakho konke sikaJesu Kristu. Wayezazi izinguquko zesikhathi. Nendoda, u—umbhidi obabhidisayo, isayini yonyaka, ufanele ahambe ngawo impela nje amasayini eBhayibheli. Haleluya! He, he, he, he, he!

156 O, mfowethu, dadewethu, yin'indaba ezweni na? Kungani *ngi*hlanya na? Kukhona okungalungile ndawo ndawo. Ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni akuvumelani noMnyuziki weshidi! Benza isivumokholo sebandla nakho konke okunye, kube kuyiZwi elifanele lishunyayelwe, ukuba libonakaliswe. Kukhona okungalungile kubabhidi, khona yonke ibhendi yomculo ixovekile, futhi abazi ukuthi bazokwenzenjani. Bonke baxakekile, "Kwenzenjani na? Kwenzeke kanjani *lokhu* na? Ini, *lokhu* kwenzeke na? *Lokhu*, kwenzeka kanjani lokho na?" Abazi ukuthi bazokwenzenjani manje. Kuyahlakazeka, ngoba akungeni neze ekuzwaneni neZwi. Yileyo indaba ngeyethu, esiyibiza, ngemvuselelo yosuku lokugcina. Yileyo indaba ngomlayezo wethu wamaPentecostal. Siphumile ebhithini lenothi yeBhayibheli, ahamba ahlela njengoba benza emuva lapho. Liphumile ebhithini lenothi.

157 Nkulunkulu, sihawukele. Ngifisa sengathi ngabe benginamazwi ebengingaLenza licwile phakathi, njengoba kwakunjalo, ukuba ngikwandisa kuvuleke futhi ngiLithululele phakathi.

158 Awuboni, mfowethu, dadewethu, kufanele kuzwane. Umbhidi ufanele abe kanye neZwi. Uma Lisho into eyodwa, musa ukusho enye into; Lizonikeza isayini okungesiyo,

bese kuthi yonke into iphume esigqini. Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu lingukuzwela okukhulu, ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni, njalo. Ngiyaxolisa. Ufanele uqale njengoba enza kuMnyuziki. Ufanele uqale kanye naYe. Qaphelani, ngena esigqini saLo.

159 Wena uthi, "Awu, ngajoyina ibandla." Leso akusiso isigqi. "Ngenzenjalo." Leso akusiso isigqi. "Ngakhuphukela ealtare futhi nga—ngathi, 'Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu.'" USathane wenza into efanyo. Leso akusiso isigqi. Niyabo, uyaphuma estebhini. Kwenzenjani na? Mhlawumbe umbhidi othize wakutshela ukuthi, "Xhawula bese ufaka igama lakho encwadini; joyina iklabhu yethu, inhlangano yethu." Nonke niphumile estebhini!

160 Bese kuthi-ke uma into yangempela isiqala ukwenzeka phandle lapha phakathi kwesigejane esincane, uzothi, "Awu, uthini pho nga*Lokho*, baphumile ekuzwaneni." Buyelani eZwini futhi nibone ukuthi ubani ophumile ekuzwaneni. Nibone ukuthi uNkulunkulu wethembisani. Nibone ukuthi uMqambi wathini ngaLo.

161 Niyabo, unawo wonke umuntu ezethamelini zakho. Yingalesosizathu izwe liqalaza. Kanti ibandla lifanele ngabe belibukwa likhanya bha, inkanyezi ekhanyayo, ukuKhanya elihlezi egqumeni, okungekho-muntu ongaledlula ngokukhanya, akukho muntu ongaLilahla ngecala.

162 Futhi, namhlanje, yinhlekisa yezwe, ngenxa yokuthi ababhidi baphumile ekuzwaneni noMqambi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bashaya izinto ezingekho phakathi Lapho. Izazi zomculo impela asazi ukuthi sizokwenzenjani manje; ibandla, onke asontekile. Kade sikhuluma ngayo yonke lento, yonke iminyaka, futhi sikulahla ngecala, futhi manje sesiyakujoyina ngqo. O, kukhona okungahambi kahle ndawo ndawo.

163 Qaphelani, ufanele uqale kuMnyuziki njengoba Enza, ungene esigqini saLo, ungene eZwini elethenjisiwe. Ubone indlela Enze ngayo ekuqaleni, ubone indlela Enze ngayo onyakeni phakathi nendawo, ubone indlela Akwenza ngayo manje, njalo kuyafana.

164 Qaphelani umbhidi, ukuthi Ukwenza kanjani. Uma engakwenzi, uma ekukhomba kwenye inhlangano, akaze abekhona umbhidi owayenze lokho. Umbhidi njalo wayekukhomba eZwini. Abaprofethi basendulo, babekhomba eZwini. BabeyiZwi. Babephila iZwi. Futhi kwenzani na? Labonakalisa uNkulunkulu. Lokho kwaletha iZwi elilotshiweyo lalolosuku ekuphileni, ngoba Liza kubo. Lembulwa kubo. Lelo kwakuliDwala labo. Haleluya!

165 UJesu Kristu, iZwi likaNkulunkulu, liyiDwala lethu. "Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha ibandla laMi," iZwi

likaNkulunkulu elembuliwe. Shalom, ekholweni langempela. Ukuthula! Sisesikhathini sokugcina. "Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi," isambulo seZwi.

166 Omunye wathi, "Awu, Ungumuntu odumileyo. UnjengoMose. Uyindoda edumileyo. Unjenge . . . " Lokho akusikho.

Kodwa isambulo sathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu."

167 Wathi, "Inyama negazi akuzange kuKwembulele wena, kodwa uBaba waMi oseZulwini. Phezu kwaleliQiniso elembuliwe, Ngiyakulakha iBandla laMi."

168 Kuyini na? UyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu," neZwi lisenguye uNkulunkulu. Yena nje, nguye namuhla, Ezibonakalisa njengoba Wayenjalo; uMose noElija, kwehle njalo, noJesu, noNkulunkulu ofanayo namhlanje, kuMenza abe ngu "Jesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade," amaHeberu 13:8. Niyabo, abazange banikhombe eqenjini. Banikhomba kuMuntu, banikhomba eZwini, uNkulunkulu.

"Ngiqalaphi, Mfowethu Branham na?"

169 EsiPhambanweni, qala esiPhambanweni naYe. "Phendukani, nikholwe yiiZwi," lasho njalo iBhayibheli. Bese nilandela nedlule esigqini salo lonke iZwi.

Wena uthi, "Awu, ngizokwenzenjani na?"

170 Qhubekani nje nilandele isigqi seZwi. Uma "ukuphenduka" kuyinto yokuqala, ekuqondeni, kwenzeni lokho, leso yisinyathelo senu sokuqala. Bekani isinyathelo senu esilandelayo lapho iZwi elisho khona. Kuqhubeke, njalo njalo, futhi niqhubeke nimashe naYe.

171 Ningasephuli isigqi uma niyingxenye yokuvumelana kaNkulunkulu yamaphimbo ekuhlabeleleni. Ningasephuli isigqi seZwi. Ningabuzi, "Awu, ngani? Kwenzekelani *lokhu* na? Ngakuzama, Mfowethu Branham, futhi, ngenkathi bengixosha, uyazi ukuthi ngenzeni na? Nje kwathi angife yindlala." Ungabuzi ukuthi kungani. Uyasazi isigqi, kuzoguquka kanjani, futhi yimiphi imigamanxo okuzoyenza, yebo, mnumzane, ngokuba Lilotshiwe. Wazi konke ngaLo. Uyasazi isigqi. Ungabuzi ukuthi kungani. Likholwe!

172 UNkulunkulu wehlile ngesikhathi somlando, neZwi laKhe elithenjisiweyo, unyaka ngamunye, futhi akakaze ehluleke (ukwephula) esigqini, ngaMandla kaNkulunkulu, uma seLifika kwabakhethiweyo nabantu abaqinisekisiweyo. Isigqi seZwi laKhe ngezinsuku zikaNowa, isigqi seZwi laKhe ngezinsuku zikaNowa, ngezinsuku zikaMose, ngezinsuku zikaElija, ngezinsuku zikaJohane, ngezinsuku zikaDavide, ngezinsuku zikaJesu, kwehle njalo, Ugcina isigqi seZwi, kwehle njalo, akakaze aLephule. Wehle njalo ngomlando. NeMbewu

ekhethiwe, eLibonile futhi yaLikholwa, yawela ngqo kulesosigqi naLo.

173 Abanye bathi, "Awu, kodwa ibandla lithi..." Lokho akuhlangene naLo. Awuzalelwanga ukwenza lokho.

174 Nizalelwe eZwini, ngokuba nizalelwe kuKristu. UKristu uyiZwi, yebo, mnumzane, ngakunye onyakeni wakho.

175 Wena uthi, "Awu, ngizokutshela nje, Mfowethu Branham, ngeke ngabheka phambili."

176 Bese-ke ubheka phezulu. UNkulunkulu wethembisa, uma uzobheka phezulu, uMbone; shalom, ukuthula, ukuthula kukaNkulunkulu kuphumule kini.

177 Wena uthi, "Manje kungani abanye behlekise ngami, Mfowethu Branham na? Uyazi, abanye bahlekisa ngami, futhi bethi ngi—ngine 'zinwele ezinde' ngiyi 'feshini endala,' kwabesifazane." Indoda, "Ngoba ngikholwa yiBhayibheli, 'Awusenanhlanganyelo nathi. Ngeke sikwemukele ngoba u—ukholwa *yikuthi-nokuthi*.'"

178 Futhi niyazi kungayo impela indlela iZwi elilotshwe ngayo. UNkulunkulu ubophezelekile kuwe, ukukwesekela Lokho-ke. Impela Unjalo. Ungabinandaba ngalokho, ukuthi yingani behlekisa ngakho. UNkulunkulu unguNkulunkulu onomona. Khumbulani, ukuhlupheka ngenxa yeZwi laKhe kuyizinhlungu zokukhula komusa waKhe. Uma uhlupheka ngenxa yeZwi laKhe, kuyizinhlungu zokukhula nje.

179 Niyazi ukuthi banjani inganyana, eneshumi, iminyaka eyishumi nambili ubudala, ithola izinhlungu. Ingene, ithi, "Mama, ingalo yami ibuhlungu nemilenze yami ibuhlungu," kanjalo kanjalo. Yizinhlungu zokukhula. Kukhombisa ukuthi inezakha-mzimba ezikahle. Iyakhula.

180 Futhi uma umuntu eqala ukuhlekisa ngawe, ethi, "Owesifazane uyifeshini endala. Mbuke owesilisa, u...O, ngizokutshela, wayevamise uku..." Kulungile, khumbulani nje, izinhlungu zokukhula. Ngukuthi lokho-kuhlushwa kuhle kuwe. Kuyizinhlungu zokukhula.

181 O, yebo, Uvumela izimpambano, nezimpambanandlela nemigamanxo. Ukwenza njalo lokho, ukuze asiphelelisele inkonzo yaKhe. Uvumela lezozinto ukuba zenzeke. Anikuqondi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wenza lokho ukuze Akuphelelisele ubizo Akubizele lona. Lokho yizinhlungu zokukhula kwakho. Wenza uDanyeli ngaleyondlela, niyazi.

182 Wenza abantwana bamaHeberu, esithandweni somlilo. Senzani isithando somlilo na? Isithando somlilo kuphela sagqabula izibopho ezazibabophile. Yilokho kuphela isithando esakwenzayo, nje sashisa kwaqaqeka izibopho.

183 Ngezinye izikhathi kuthatha izivivinyo ukugqabula izibopho zezwe zisuke kithi, ukukukhipha ezweni. Kungahle kube njalo,

zikukhiphe esivumwenikholo sakho, kuqala. Njengomuntu eminza emfuleni, ufanele umkhiphe emfuleni ngaphambi kokuba ukhiphe umfula kumuntu. Lokho kuthi akube ngaleyondlela uNkulunkulu enza ngayo ngesinye isikhathi. Mabakuphose phandle, kanye, bese bekhipha izwe kuwe. Kufanele—kufanele bakukhiphe ezweni, kuqala. Ngezinye izikhathi lezizinhlungu zokukhula yilokho okwenza lokho. O, yebo.

184 UNkulunkulu umi eZwini elethenjisiwe lonyaka omusha ngamunye. Umi kuLo, ngalonyaka, ukugcwalisa lokho Akwethembisele lonyaka. Noma ngabe kuyini, ngifuna ukuba sesenta ngqo yentando yaKhe esikhathini esizayo, njengoba benza.

185 NjengoAbrahama, lapho ehlangana nezimpambanandlela zakhe, wayengazi ukuthi wayezokwenza kanjani. UNkulunkulu wamtshela, "Ngizokupha indodana." Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ekulindele. Ekugcineni indodana yafika, wayesethi-ke uNkulunkulu, "Manje, ngalendodana ngizokwenza ube uyise wezizwe eziningi. Ithathe uyikhuphulele lapho futhi uyibulale. Ithathe uyikhuphule futhi uyibulale," abhubhise yona impela into abeyilindele iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. "Ithathe uyikhuphule futhi uyibulale."

186 UAbrahama akazange akhathazeke. Akuzange kumhluphe. Wacosha izinkuni wazibeka phezu kwembongolo encane, wayesethatha indodana yakhe. Wayithatha wayikhuphulela esiqongweni segquma, ukuba anikele ngayo, ngoba uAbrahama wazi ukuthi wayeyemukele injengevela kwabafileyo; isizalo sikaSara sasesifile, wayengazali, ngakho kwakungekho-ndlela. Nomfana . . . Wayeneminyaka eyikhulu ubudala, futhi owesifazane wayenamashumi ayisishiyagalolunye, ngakho ufika ngeZwi elethenjisiwe. UNkulunkulu ofanayo owenza isithembiso, wathi, "Ngizokwenza uyise wezizwe," emva kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, futhi eneminyaka eyikhulu ubudala, yena nomkakhe bemukela umntwana. Uma uNkulunkulu amtshela ukuba anikele ngaye phezulu, uNkulunkulu wayekwazi ukumvusa. Amen.

187 Akadunyiswe uNkulunkulu, bazalwane. Ngizizwa ngigcwala ukholo. Ngakho ngizizwa ngikahle kanjani! Ngazi lento eyodwa, Uyakwazi ukumvusa futhi. Sizoma kuleloZwi lokuKhanya elimsulwa lalelihora! UNkulunkulu uzosivusa uma sekuvela lesisizukulwane, njengeziNkanyiso ezikhanyayo zimelane nalesisizukulwane. Amen.

188 Akumangalisi Athi, "Inkosikazi yaseNingizimu iyosukuma ekwaHluleleni, nesizukulwane sayo, futhi isilahle ngecala lesi; ngoba ivela ekugcineni komhlaba, ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi, bheka, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni." Ukuthi yakwenza kanjani leyonkosikazi

encane, ezansi le, umhedeni, yabona lokho kuKhanya, futhi yeza amamayela idabula ogwadule, izinyanga ezintathu emhlane wekameli, ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, nabo bemi khona lapho, noSolomoni engumfanekiso, isimo saKhe.

189 Kwase-ke kufika futhi sibona uWesley, uLuther, bonke abanye, amahlelo emuva lapho, eyisimo nomfanekiso walokho okwenzeka manje, futhi bahamba bedlula kuLo ngqo. O! Kulungile.

190 Ngokuba, ngakho unyaka unqunywa nguNkulunkulu, nquma nje ukuhlala eZwini laKhe. Hamba lapho iZwi elithi hamba khona, njengoba sesifika manje ekuvaleni, njengabanye, iMbewu ekhethiwe yenza ngosuku lwabo ngenkathi bebona iZwi. Balenzani na? Bahamba bangena kuLo, uma babeyiMbewu ekhethiwe kweminye iminyaka, ngokuba UyiZwi elingehluleki. Bangaki abakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiZwi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he!

191 Ngezwa uhlelo ngolunye usuku, lwehlelo elithize labantu, uMnu. H. M. S. Richards wathi wayekade e"bhale incwadi yonyaka." Angifuni ukungavumelani nendoda kanjalo. Nakuba, iyiSeventh-day Adventist, angivumelani nemfundiso yeSeventh-day Adventist, kodwa ngiyithanda ngempela indoda. Kodwa angizukuvumelana nayo. Leyo kungahle kube yincwadi ka H. M. S. Richards okonyaka omusha.

192 Kodwa iNcwadi yami neNcwadi yakho, yonyaka omusha, yiNcwadi yonyaka omdala, iBhayibheli, iZwi likaNkulunkulu. Lenzeni Liphile nje kulokho Elithenjiselwe ukukuphilela. Yebo, mnumzane. Futhi wonke unyaka ozayo ozofika, nawo wonke unyaka okade ukhona, UnguNkulunkulu waPhakade ephila ngeZwi laPhakade Alikhuluma, lapho lonke iQiniso leBhayibheli naso sonke isithembiso kuLo kade siqinisekiswa, njengoba bekunjalo phansi eminyakeni.

193 Ukuthi uNkulunkulu wethembisa kanjani ukuthi Uyobhubhisa izwe ngamanzi, futhi Wakuqinisekisa ngoMose . . . noma ngoNowa.

194 Wethembisa ukuthi Wayezothumela umkhululi, futhi akhiphe uIsrayeli eGibhithe; base begogobale iminyaka engamakhulu amane. Wenza lokho nje impela.

195 Futhi Wafunga ukuthi Wayezovusa uDavide, nokuthi uDavide wayezoba kanjani yi—yindodana; uKristu wayezoba yindodana yaKhe, ngoDavide kwakuzofika uKristu. Ukuthi Wafunga kanjani ukuthi Wayezokwenza lokho; Wenza lokho nje.

196 Wethembisa ukuthi Wayezothumela uJohane umBhaphathizi, ngaphambi kokufika kukaJesu Kristu. Wenza lokho nje.

Wethembisa ukuthi Wayezothumela uMesiya. Wenza lokho nje.

197 Wethembisa ukuthi izwe lalizongena kwelikhulu iqembu lenhlangano futhi benze inqubo, amandla, aziwa njengesilo, futhi siyoba phezulu lapho sihlezi emagqumeni ayisikhombisa. Senza lokho nje impela.

198 Ukuthi ibandla liyobahlupha kanjani, kuze kube sekufeni! Benza lokho nje impela.

199 Ukuthi babeyophumela kanjani enguqukweni! Benza lokho nje impela. Ukuthi wethembisa kanjani onyakeni ngamunye ukuthi kuyobanjani!

200 Futhi Wethembisa lonyaka. Futhi Nangu, namhlanje, enza leloZwi liphile, impela nje njengoba Enza ekuqaleni. Impela.

201 Futhi uma izithembiso zonke sezigcwalisekile, "ukufa kugingwa ngukunqoba," uJesu uzofika. Futhi, owokugcina uyaqinisekiswa, khona-ke kuyofika ukuthula kwaPhakade phezu komhlaba, neshalom yaPhakade. Ishalom yaPhakade, ukuthula, kuyophumula phezu komhlaba.

202 Lapho uJesu efika, iNkosi yokuThula, kwakungekho ngani ukuthula na? Ngoba lonke iZwi aligcwaliswanga ngosuku laKhe. ULigcwalisa namhlanje. Kodwa lapho konke okwethenjiselwe iZwi laKhe, okwakungumcabango kaNkulunkulu . . .

203 I*Zwi* lingu "mcabango ozwakalisiweyo." UNkulunkulu, ekucabangeni kwaKhe, waLicabanga, futhi waLizwakalisa ngabaprofethi baKhe, futhi manje Lizogcwaliseka. Futhi, lapho, Wasitshela zingakenzeki lezizinto ukuze singalenzi iphutha nesiphosiso ebumnyameni ngaleyonkathi uma silibona ligcwaliseka.

204 Manje, Wethembisa ukuthumela uKristu okwesiBili. Futhi uma Ekwenza nanini, uma uKristu efika okwesiBili, kuyobakhona ishalom ya Phakade.

205 Lalelani, bangane, njengoba sivala. Khumbulani, iBhayibheli lingumthombo wakho konke ukuhlakanipha. Aliveli kuDokotela, Ph.D., LL.D. Livela eZwini likaNkulunkulu.

206 Kwakukhona oDokotela bezobuNkulunkulu behlezi lapho, ngamakhulu, noMfana omncane oneminyaka eyishumi nambili ubudala owababizela phansi, ngoba WayeyiZwi. UMfana omncane wayengenamfundo nhlobo, nokho WayeyiZwi. Ngoba WayengukuKhanya okwakukhulunywe ngakho ngalolosuku, Wayebonakalisa leloZwi, IZwi lalikuYe. Lalifanele. Akumangalisi Akushoyo kwakwenzeka, Ngoba WayeyiZwi. Niyaqonda na? Wonke lowo oqondayo, akathi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] WayeyiZwi.

207 Khumbulani iBhayibheli, hhayi incwadi ethize yonyaka ebhalwe ngumuntu. "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, kepha awaMi iQiniso."

208 Nezinkoloze nezinkolo, no—nokunjalo, konke nje kuba yisibumbatha kakhulu uma uthola isigejane somuntu kuLo.

UNkulunkulu akazange neze asebenze ngeqembu elinjalo. Ukuba uJesu ubengafika namhlanje, ngabe Ubengachema namaMethodisti, namaBaptisti, nama-Adventisti, oFakazi bakaJehova, iSayense yamaKristu, amaPentecostal, amaPresbyterian na? Qhabo, mnumzane. Impela Ubengeke.

209 Kuludaba lomuntu ngamunye, wena noNkulunkulu. Akukho-ndoda embili ebona ngaso-linye, kanye kanye ngokufanayo; akukho-zithupha ezifanayo. UNkulunkulu usebenza ngomuntu ngamunye. Futhi wazi kanjani ukuthi uqinisile noma qha na? Khona-ke bheka emuva bese ubona ukuthi ukanye neZwi yini. Uma ekanye neZwi, khona-ke uNkulunkulu usebenza ngaye; uma engenjalo, kukhona okunye okusebenza ngaye. Niyabo? Kunjalo.

210 Khumbulani, iBhayibheli lingumthombo wakho konke ukuhlakanipha, futhi liphethe onke amathemba esikhathi esizayo kuLo. Shalom, ukuthula kukaNkulunkulu!

211 Njengendaba eyake yaxoxwa, ngomfanyana owashonelwa nguyise engakabi-mdala ngokwenele ukuba ambone uyise; ingane esancelayo nje ngenkathi uyise efa. Ngelinye ilanga wayeseneshumi cishe, eseneminyaka eyishumi nambili ubudala. Wayenomunye umfowabo, othiwa uJohn. Waya kumfowabo, wayesethi "A, John," owayemdala ngeminyaka eminingana, wathi, "usa, usamkhumbula ubaba?"

Wathi, "Yebo."

Wathi, "Wayenjani na?"

212 Wathi, "Awu, wayeyindoda ende, futhi wayeyindoda enomoya omuhle kabi. Wayehlala njalo elungile kumama, futhi wayenomusa kimi—kimi, futhi wayenomusa kumuntu wonke."

Wathi, "Awu, yilokho kuphela okwazi ngaye, John?"

213 Wathi, "Awu, ngizokutshela." Wathi, "Henry," wathi, "wonke umuntu uthi ngi—ngifana naye." Futhi wathi, "Wonke umuntu uthi nginemvelo efana naye."

214 Wathi, "O, kuhle lokho! Yilokho engifuna ukukwazi." Wathi, "Uma ngibona wena, ngibona ubaba wami."

215 Nakho-ke. Uma i—izwe libona uJesu Kristu, kuyoba kuwe," uma leliZwi elilotshelwe inamuhla.

216 Umbonaphi uJesu kuDavide na? Ngenkathi iZwi libonakaliswa ngaye.

217 Umbona kanjani uKristu, uNkulunkulu kuElija, kuleyonqola eyongena eZulwini, uyambona uJesu kuElija na? Imbangela, iZwi laqinisekiswa.

218 ULibona kanjani kuMose na? UJesu wayekuMose. IBhayibheli lasho njalo. Niyabo, kunjalo, Wayeyisihlahla esivuthayo esasinoMose ehlane.

219 Abantu bayomazi kanjani uJesu Kristu na? Uma be, yena, embona ekuwe, uma bebona uJesu ekuwe. Ngokuba, Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Emikhulu kuna lo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Kunjalo na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Bakanjalo-ke, izwe liyazi.

220 Hhayi ngoba iPentecostal Oneness inkulu kunePentecostal Twoness, noma iTwoness inkulu kuneThreenes, kumbe noma unani; hhayi ngoba iMethodisti inkulu kuneBaptisti; noma iSouthern Baptisti ithatha umklomelo kulonyaka wawo onke—onke amabandla amaBaptisti, onke amaProtestane. Banamaningi amalunga kulonyaka kunoma yiliphi elawo onke, ngiyaqonda, ngokubala. Lokho akuwenzi ehluke. UNkulunkulu akanazi ngezibalo. Abahedeni uyanedlula ngesibalo, noma yinini. AmaKatolika anani nonke. UbuMohamede bunabo bonke. Niyabo?

221 Waziwa uma uJesu Kristu ephila kuwe, ngokuPhila kwaKhe, neZwi elethenjisiwe lalolusuku lizibonakalisa ngokukhanya. Niyabo?

222 Manje iZwi elifanayo elabonisa ukukhanya kuMose lalingeke libonise ukukhanya kuElija, ngoba lolo kwakungolunye usuku. Yena lowo owabonisa ukukhanya kuNowa wayengeke abe kuMose, ngoba, niyabo, uNowa wakha umkhumbi, uMose wahola abantu, khona impela okwakwethenjisiwe. Ukukhanya okufanayo kwaboniswa koyedwa, kwakungekho komunye, kodwa omunye wakhuluma ngomunye.

223 Lonke iTestamente eLisha likhuluma ngalelihora. UJesu Kristu ukhuluma ngalelihora. Ubani, ke, umuntu othize na? NguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ibonakalisa, ibonisa ukuKhanya eZwini Alethembisela lolusuku. [UMfowethu Branham ushaya kabili phezu kwepulpiti—Umhl.]

224 Uma umuntu ekubona uphila njengaYe, uma ebona isimilo sakho nokuziphatha kwakho kukanye neZwi kufana impela njengoba Wayenjalo, iZwi libonakaliswa, umuntu uyobona uJesu Kristu. Bangeke baze badinge ukuthi baqalaze nomaphi kwenye indawo, bathi, "Sifundisani *lesi*sivumokholo, sifundisani *leso*sivumokholo na?" Bayokwazi ukuthi uNkulunkulu uyini uma bekubona.

225 Shalom, ukuthula kukaNkulunkulu makube ukuKhanya phezu kwenu! Futhi uma iZwi likaNkulunkulu liqinisekiswa kulonyaka, ngokuphelele, futhi niLibona futhi niLikholwa, shalom kini!

226 Bhekanani nonyaka omusha ngalokhu, Mbekeni njengoba uDavide athi, "Ngiyobeka Yena njalo phambi kwami. Ngoba Ungakwesokudla sami, angiyikuzanyazanyiswa." Uma nihlangabezana nokufa ngalonyaka, kwenza mehluko-

muni na? UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyonivusa. Uma ingozi inibulala, kwenza mehluko-muni na? NinokuPhila okuPhakade, "Ngiyomvusa ngemihla yokuphela." Amen. Uma kwenzeka noma yini-ke na? Akunandaba ukuthi kuyini, akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu, olukuKristu. "Indlala, ukuhlupheka, ukuhamba-ze, akunandaba ukuthi kuyini, akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu, olukuKristu." Futhi UyiZwi. Shalom!

227 Asikhothamise amakhanda ethu. Manje wonke umuntu yiba ulokhu ukhothamise ikhanda lakho umzuzwana nje. Ukuthula kukaNkulunkulu!

228 "Isigaye . . ." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Njengasemihleni kaNowa, lapho ababedla khona, bephuza, benda, bendisa," uReno, uNevada, nomhlaba wonke welambu elibomvu, "kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

229 "Njengoba kwakunjalo eSodoma," lapho uNkulunkulu abonakaliswa khona esiDalweni esingumuntu uAbrahama asibiza ngoElohim, Owanele konke; wama lapho, udla inyama, uphuza ubisi, nesinkwa; futhi wayekwazi ukusho ukuthi uSara wayecabangani emva kwakhe, emva kwaKhe, ethendeni. Wathi, "Lokho kuyobuya futhi ekufikeni kweNdodana yomuntu." "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

230 AbaJuda babuyela ezweni labo. Izinto eyenzekayo, lokho kukulolusuku, kuzongivimbela uhhafu ngiqala ukunitshela ukuthi kwenzekani, kodwa siyakubona. Kuyini na? IZwi libonakaliswa.

231 Ucabanga ukuthi amaHeberu enzani ngenkathi ebone iZwi libonakaliswa, nesithembiso na? Sebelungela ukulishiya izwe.

232 Uma ungalungele namhlanje, mngane, qala ngalonyaka omusha manje nje, uqale nesandla sakho sisesandleni sikaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu enhliziyweni yakho, uthi, "Nkosi Jesu, angazi ukuthi ingxenye yalokhu Ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni Ofuna ngikudlale, kodwa lapho uma lowomgamanxo ungifikela ukuba ngihlushwe, ngihlekwe, kuhlekiswe ngami, ngisalokhu ngithatha isinqumo sami ukuthi Ukuvumelana kwaKho kwamaphimbo ekuhlabeleleni ngeke kuxovwe ngenxa yami. Ngizohlala kahle neZwi laKho, akunandaba ukuthi Liyini. Ngizohlala khona lapho. Futhi uma ukufa kushaya emnyango wami, leyo yingxenye yokuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Ngiyokwazi-ke, ukuthi, ngokuqinisile impela njengoba kushaya emnyango wami, ukuvuka kuzoshaya ngolunye lwalezizinsuku, futhi, futhi Uyongivusa futhi. Kuyingxenye yokuvemelana kwaKho kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Nkosi, mangibe yingxenye namhlanje, Uzokwenza na?"

233 Bangaki abazothanda ukuthatha lesosifungo, futhi bathi, "Ukuqala kwalonyaka omusha, Mfowethu Branham, kuqala lomhlangano, khona manje, manje ngithembisa uNkulunkulu, ukuthatha isinqumo sami, ukuba ngingehluleki neze ukuhlala neZwi laKhe elithenjisiwe, nokuhlala ngayo impela nje indlela Alethembisa ngayo, ngokuzithoba nokuzehlisa; ukuze uNkulunkulu athathe impilo yami futhi ayibeke ekuvumelaneni kwaKhe kwamaphimbo ekuhlabeleleni okukhulu, ukuthi leloqembu elifanayo Uyolivusa ngemihla yokugcina. Ngizophakamisa isandla sami, Mfowethu Branham, hhayi kuwe, kodwa kuNkulunkulu. Ngikhumbule emkhulekweni"? UNkulunkulu anibusise, ndawo zonke. INkosi inibusise. Izandla zami siphakeme, nazo.

234 Nkosi, thatha mina. Nkosi Nkulunkulu, ungangivumeli neze ukuba ngithole ingqondo yami, njengoJuda, esiphezu kwedola elithe xaxa, ibe phezu kwefeshini ethize yezwe, noma umuntu othize ozokumbambatha emhlane, bese uthi, "O, Mfowethu Branham, lokhu yi . . ." Qhabo, qhabo. Nkulunkulu, ungakuvumeli neze lokho kwenzeke kimi. Ngizovele nje ngithathe indlela kanye nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Ngizoba ngumfowethu kumuntu, ngenze konke engingakwenza, Nkosi, ngithande abantu ngenhliziyo yami yonke. Kodwa, Nkosi, ungangivumeli neze ngisuke kuleliZwi. Ngifuna ukuvuka ngosuku lokugcina. Futhi yilabo abafakiwe kuphela kulokhu kuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni okukhulu, Nkosi, njengoba ngizamile ukukuchaza kulentambama, yilowo ovukayo ekupheleni ko—komnyuziki weshidi, lapho ukuvuka okukhulu, nazo zonke iziNgelosi zishaya ihlombe nabangcwele behamba beyongena bemasha. Yilabo oyidlalile leyongxenye kulomdlalo omkhulu wasesiteji esiwudlalayo, khuleka, Nkosi.

235 Siyazi ukuthi emdlalweni wasesiteji bashintsha izifihlabuso, basuka kwenye into baye kwenye, futhi yilokho Owakwenzayo. Usuka eMoyeni, Nkulunkulu, Jehova oMkhulu, wase ufaka isifihlabuso sesidalwa esingumuntu, washintsha isimo saKho—saKho—saKho; Washintsha. Wagxumeka ithende laKho. Wehla uvela kuNkulunkulu, wase uba ngumuntu, ukuze Ufe ukuba uhlenge umuntu. Washintsha isifihlabuso saKho.

236 Kwase kuthi futhi Wasishintsha, futhi UsuZifake isifihlabuso wangena kubantu abazokholwa futhi badlale ngokweZwi Olilobe lapha. Abusisiwe amehlo aLibonayo, zibusisiwe izinhliziyo eziLemukelayo, zibusisiwe izindlebe eziLizwayo, ngokuba kuyofika ukuvuka lapho ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni sekuphelile. Nkulunkulu, sonke masibe lapho, Uzokwenza na? Busisa leliqembu elincane.

237 Ngokukhuluma kanje, Baba, siyazi ukuthi leteyipu iya emhlabeni wonke. Futhi nanti elihle, iqembu elincane lihlezi lapha namhlanje, lezizethameli ezibonakalayo lapha ePhoenix. O Nkulunkulu, iminyaka eyishumi nanhlanu yokushumayela

okulukhuni nokuthethisayo, futhi, Nkulunkulu, Wena uyasazi isizathu, uthando! Uthando lu—luyalaya. Uthando lu—luyasola. Uthando lunempatho eqinile.

238 O Nkulunkulu, kwangathi ngingaziphosa kanye nalababantu kuleliviki, futhi kwangathi Ungasiphatha ngokuqinile, Nkosi, eZwini laKho. Kwangathi singawabona amandla Akho evusa abagulayo nabahluphikileyo, amehlo ezimpumputhe avuleke, uMoya oNgcwele omkhulu ufike ubonakale endlini. Kwangathi wonke umfundisi nalolonke ibandla lingaba semlilweni. Kwangathi ingqungquthela ezayo yosomabhizinisi, Nkosi, ingavuthisa yonke inhliziyo kasomabhizinisi, kulelidolobha, ibe semlilweni ngoNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Asazi ukuthi sizokwenzenjani ngayo, ngaphandle kokuthi sicele futhi sikholwe ukuthi izokwenziwa. Sizinikela kuWe, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu.

Futhi manje asime ngezinyawo zethu.

239 Angikwazi ukukhuluma, ngiwasho ngokungesikho amagama ami, futhi ngifuna ukusho lokhu ngoba ngizwe ngicindezeleka ukukwenza. Bangaki phakathi lapha enizophakamisa isandla senu, ukuthi niqondile ukuthi bengiqonde ukuthini ngo "Kuvumelana kukaNkulunkulu kwamaphimbo ekuhlabeleleni na"? Phakamisani isandla senu. Ngiyabonga. Kuhle. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

240 Bese, ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni, niyabo. NizoYibona ifika emgamanxweni, wonke umuntu wonke uyamangala. Ngikubiza ngomgamanxo. Angiwazi umnyuziki; isazi somnyuziki phakathi lapha, ngani, uyo—uyongithethelela ngendlela yami yobuluhlaza. Kodwa, kungukuthi, bayashaya, ukuba kubekhona okuthize okudlalayo. Iyohamba kancane impela, kwehle impela, uyamangala ukuthi Kuyini; kodwa, niyabo, uma ungena esigqini saYo, uyaYiqonda. Yileyondlela kuphela oyoze uqonde ngayo uNkulunkulu, ngukungena esigqini saYo.

241 "IYini na? Ngiyokwazi kanjani? Mfowethu Branham, ngiyiMethodisti yangeqiniso, iBaptisti, noma iPentecostal." Leso akusiso isigqi.

242 Isigqi nguNkulunkulu. UNkulunkulu uyiZwi. IZwi nguNkulunkulu. isigqi sikaNkulunkulu, singuku, lalela iZwi laKhe. Bese-ke uma ulalela iZwi, Ukushayela kahle isigqi, bese uthatha indawo yakho. Lapho Sehla, sehla, sehla, senyuka, noma ngabe Siyini, niyayazi leyomigamanxo.

Ngezinye izikhathi, "O, izinsizi nezivivinyo!"

243 Akashongo yini uNkulunkulu, "Konke kusebenzalana kube ngokuhle kulabo abaMthandayo, lapho Ngisashaya Ukuvumelana kwaMi kwamaphimbo ekuhlabeleleni na"? Futhi uyathola ukuthi ngaleyonkathi uyahlupheka ushaywe ulahlwe

phansi, futhi uhlushwe, kuhlekiswe ngawo. Khumbula, leyo yingxenye ehamba ngaleyondlela. Uma lokho kungenjalo, khona-ke ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni kuphumile eshunini.

244 UMqambi omkhulu wazi kahle impela ukuthi kukhonani kuyo. Uyazi. Wayekwazi, kusukela ekuqaleni. Wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uyazi ukuthi ufanele ukwenzani. Akunandaba ukuthi kwehla kangakanani, nokuthi kubukeka kumnyama kanjani, kufanele kube ngaleyondlela.

245 Kodwa, khumbulani, uma kuhamba kuze kuyothi ngqi emathunzini okufa, "Ngingukuvuka nokuPhila; Ngiyomvusa futhi." Futhi uma uMbhidi omkhulu ehla futhi abeke leyonduku phansi, khona-ke, "akusayikubakho isikhathi." Lapho leyoNgelosi, yeSambulo isahluko 10, ibeke olunye unyawo phezu komhlabathi nolunye olwandle, nothingo lwenkosikazi phezu kwekhanda laYo, Yafunga, "akusayikubakho isikhathi." Uma sekufika lesosikhathi, niyovuka kwabafileyo. Ngenkathi bonke abanye besalele lapho, niyohamba ningene.

246 Hlalani ekuvumelaneni kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Hlalani eZwini likaNkulunkulu. Kungenandaba ukuthi kulukhuni kanjani, hlalani naLo ngqo, noma yikuphi lapho uNkulunkulu eshaya khona.

247 Ngezinye izikhathi Ubangela inkathazo ukuba igqabule izibopho, ukukukhulula. Uyakwenza lokho. Wena uthi, "Awu, angazi ukuthi ngizokwenzenjani." Uyazi yena. Mehluko muni na? Nje u—nje udlala ingxenye. Nguye okuphethe ngesandla saKhe. Uyakuqondisa.

248 Khumbulani, konke kwenziwa ngesayini. Siyasibona isikhathi esiphila kuso, ngesayini esiphila kuyo, ngakho siyazi ukuthi ukuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni kwenzani namhlanje. Yisikhathi sokwehlukanisa, ukuthatha ukuKhanya ebumnyameni.

249 Asikusho kanye kanye, ukuze ningakukhohlwa, ngoba ngizwa kuthi angikusho lokhu. [UMfowethu Branham nebandla bakhuluma kanyekanye—Umhl]: "Kungukuthatha ukuKhanya ebumnyameni." Asikusho futhi. "Kungukuthatha ukuKhanya ebumnyameni."

250 Lokho ukuvumelana kukaNkulunkulu kwamaphimbo ekuhlabeleleni. Yena ekukhombisa emazulwini. Ukukhombisa emabhlekbhode. Ukukhombisa ngaYe uqobo. Wakwethembisa eZwini. Siyakubona kuqinisekiswa. Wehlukanisa ukolo emakhobeni. Uthatha ukuKhanya ebumnyameni.

251 NiyaMkholwa, nizothi yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asicule iculo lethu elihle, ke.

252 Futhi ngifuna ukusho izwi kubefundisi, umzuzu nje. Bazalwane, iNkosi inibusise. Ngiyabonga ngokukhipha amabandla futhi niwalethe aphumele lapha. Kinina befundisi phandle lapho, nginibonga ngempela. Ngilapha kuphela . . .

253 Mangisho, bazalwane, kungahle kubekhona amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian. Niyezwa, ngikhuluma ngokufanayo nje kumaPentecostal njengoba ngenzile kini na? Ngokufanayo nje, niyabo. Akusikho . . .

254 Uma ngingeke ngavumelana nomuntu, kanzima, futhi ngibe ngilokhu ngimthanda . . . Ngoba, uma ngingavumelani naye, ukuba nje ngingavumelani, ngingumzenzisi; angifanele ukuma lapha. Kodwa uma ngingavumelananga naye ngenxa yenhlanganyelo nothando nokuqonda, akunandaba ukuthi wenzani, useyilokhu engumfowethu oyigugu. Ngimi naye. Yebo, impela. Kunjalo impela. Uma lokho kungekho enhliziyweni yami, khona-ke Nkulunkulu ngikhiphe kulelipulpiti, angifanele ukuba lapha. Kunjalo. Ngikusho ngenxa yothando, nento engiyibona iza. Futhi Akakaze angiyekele ngibe sephutheni kukho, okwamanje, ngoba bekuyiZwi laKhe njalo. Ngakho, uNkulunkulu anibusise.

255 Manje asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje, futhi sicule leli elihle, iculo elidala esijwayele ukulicula, "NgiyaMthanda, ngiyaMthanda." Uma umshayipiyano, kumbe noma ngubani, noma yilabo abanomnyuziki, bezosinika indlela encane yalo, ngiqagele. Yebo, kulungile, ake sibone ukuthi singalicula yini-ke ngaphandle komnyuziki. Sonke kanye kanye manje, amakhanda ethu ekhotheme.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

256 Ngicabanga ukuthi sebewavalile amateyipu manje. Niyabo, leteyipu iya kuyoyonke . . .

